KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

www.kznonline.gov.za

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 208 • FEBRUARY 2017

# UHLELO LOKU HLUMELELISA IZIMILO ENCOTSHANE

Ikhasi 4





UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uhole ithimba loNgqongqoshe besiFundazwe khathi bevakashele izikole ezingaphansi koMkhandlu waseJozini ngokohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe. ONgqongqoshe bebephakwe kwizigceme ezahlukene lapho bebekhuthaza usiko lokufunda ezikoleni kanye nokuzwa izinkinga zomphakathi. Udaba ekhasini 3

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

## INKULUMO ECHAZA ISIMO SESIFUNDAZWE

Yethulwa uMnu T.W. Mchunu - UNdunankulu waKwaZulu-Natal



USUKU: 01 March 2017
INDAWO: Royal Show Grounds, eMgungundlovu
ISIKHATHI: 10H00

Live on SABC Radio and TV & KwaZulu-Natal Community Radio Stations.

KZN Provincial Communications_2017

# OKUNGAPHAKATHI












## KWETHULWE UHLELO LOKU HLUMELELISA IZIMILO ENCOTSHANE

**IKHASI 4**

IHhovisi likaNdunankulu lisanda kwethula uhlelo lokuhlumelelisa izimilo kwisifunda saseZululand eNcotshane.

## UBE NESASA UMKHANKASO WOKUQWASHISA NGEZIDAKAMIZWA ENYUVESI YAS'ONGOYE

**IKHASI 6**

Kube sobala kulomkhankaso ukuthi akuyena yedwa uHulumeni okhathazekile ngokusetshenziswa kwezidakamizwa notshwala, kepha ikhona nentsha eyizitshudeni engakutholi ukuphumula ngalenselelo.

## UMNYANGO UJUBE AMATHIMBA EZINHLEKELELE NGEMUVA KWEZIMVULA EZINAMANDLA

**IKHASI 8**

Amathimba ezinhlekelele avela eMnyangweni wezokuBusa ngokuBambisana kanye neZindaba Zomdabu akhishwe ngobuningi ukulawula inhlekelele edalwe umoya onamandla kanye nezimvula ezinamandla oGwini, ngempelasonto edlule.

## SIYAFEZWA ISITHEMBISO SOKUGUQULWA KWEMPILO YABANTU YENZIWE NGCONO

**IKHASI 11**

KwakunguLwesithathu lomhla zingama-30 kuLwezi wezi-2016 ngesikhathi 'ithimba lezokuxhumana' libhekisa amabombo elokishini eMadadeni e-Newcastle.

## KUTHUTHUKILE UKWELASHWA KWEZILWANE EZIFUYWAYO NOKULWA NAMARABI E-KZN

**IKHASI 13**

Igalelo lomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni lizwakele ezindaweni ebezihaqwe ngamarabi njengalokhu kungekho zigameko ezibikiwe kusukela kwaba nezehlakalo zokufa kwabantu eThekwini eminyakeni emihlanu edlule.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UKUVAKASHA KWESIGUNGU SIKAHULUMENI KUBE IMPUMELELO KUMPHAKATHI WASEJOZINI

■ Sondelani kakhulu emfundweni yezingane zenu kodwa ningayi ezikoleni ningazange niwenze umsebenzi o-correct emakhaya ngoba ingane ingeke ikhuliswe isikole kuphela

**MAHLATHI TEMBE**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnumzane Willies Mchunu uhole ithimba loNgqongqoshe besiFundazwe khathi bevakashele izikole ezingaphansi koMkhandlu waseJozini ngokohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe.

ONgqongqoshe bebephakwe kwizigceme ezahlukene lapho bebekhuthaza usiko lokufunda ezikoleni kanye nokuzwa izinkinga zomphakathi.

UMacingwana yena uvukele esikoleni saseMaphaya esiseJozini lapho ehlanganise khona amakhanda nothishanhloko, isigungu sekomidi eliphethe isikole amakhansela.

Ubephelezelwa izikhulu zeHovisi lakhe kanye neMeya yaseMkhanyakude umnumzane S. Mkhombe.

Isikole saseMaphaya sikhale ngokungabikho kweholo, umtapo wezincwadi, izindlu zangasese ezanele kanye nokucinana kwabafundi emaklasini.

Emveni kombiko owethulwe uthishanhloko, uMacingwana ubesebalula ukusebenza ngokubambisana phakathi kweKhansela lesigceme nesikole kanye nezinhlaka ezingamele isikole.

Ukhombise ukungakwenameli ukubona ukuthi isikole saseMaphaya sisafulelwe nge-asbestus wasenxusa uMhloli wendawo ukuba loludaba alufakele izibuko ngoba iyingozi enkulu.

Maqondana nenkinga yamanzi kuvele ukuthi umphakathi wendawo uyaye ugqobhoze amapayipi bese amanzi engabe esafinyelela kumphakathi nasezikoleni.

UNdunanakulu uMacingwana ubeseya eHigh school yaseZibukweni khona eJozini.

Uthisha omkhulu ukhale ngokwanda kwezindawo zokucima ukoma eziseduzane nesikole kanye nendawo yokuzijabulisa (night club) eseduzane.

Ubuye wakhala ngobulelesi obenzekayo ikakhulukazi uma kuvalwe izikole.

Maqondana nezokuphepha esikoleni ubonge kakhulu umphakathi wendawo ngokuzinikela ukuba kube nonogada esangweni lesikole.

Ubuye wancoma ukubambisana okukhona nomkhandlu owengamele isikole.

UMacingwana kanye nethimba lakhe banikele eholo laseJozini elisezinkundleni zemidlalo. Umphakathi unikezwe ithuba lokusho izikhalo zawo.

Bakhale ngamanzi, ukungabibikho kukagesi kanye nokucinana kwezimoto ezidabula phakathi edolobheni laseJozini. Babuye bakhala ngesimo somgwaqo esingesihle.

Babuye bakhala ngokusetshenziswa kwezinkampani zakwezinye izindawo uma uhulumeni ekhipha imisebenzi.

Umphakathi ubuye wakhononda ngokugcwala kwezimoto emgwaqeni odabula edolobheni laseJozini ikakhulukazi uma kuphele inyanga.

UNdunankulu ucele iMeya yaseMkhanyakude umnumzane Mkhombe ukuba aphendule ezikhalweni zomphakathi.

Unikeze isiqiniseko sokuthi imfucumfucu ebasedolobheni laseJozini baphezu kwayo ukuyishabalalisa.

Maqondana nokuminyana kwezimoto uthe loludaba bazolusukumela phezulu.

Esephefumula uNdunankulu ngodaba lwezikole uthe," Isikole siyinkundla yokwakhiwa komuntu.

Uma zakhekha kahle izingane esikoleni kwakheka isizwe.

Uma sehlulekile ukusebenzisa isikole ukwakha isizwe sethu, isizwe sethu sizobhubha ngelinye ilanga" Ube esenxenxa abazali ukuba babambisane nezikole wathi, " Sondelani kakhulu emfundweni yezingane zenu kodwa ningayi ezikoleni ningazange niwenze umsebenzi o correct emakhaya ngoba ingane ingeke ikhuliswe isikole kuphela"



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunungesikhathi bevakashele eJozini.*
***Isithombe:** ZANDILE SHANGE*


*Ingxenye yomphakathi ebithamele inkulumo kaNdunankulu waKwaZulu-Natal*



# UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATALI UHLANGANE NEZIPHATHIMANDLA ZEZEMFUNDO EPHAKEME KANYE NABAHOLI ABAMELE ABAFUNDI

CUTHBERT NZUZA

UNdunankulu waKwaZulu-Natali kanye nesiGungu sakhe uhlangane neziphathimandla zezemfundo ephakeme kanye nabaholi abamele abafundi okuzozama ukuza nesixazululo esibhekene nezemfundo kulesisiFundazwe.

Ukwenze lokhu njengosihlalo ohola lesisithangami sokucobelelana ngolwazi. (HRDC) Human Resource Development Council- Lona uMkhandlu wokuthuthukiswa kwamakhono abasebenzi/abafundi okuyiwona ozama amasu angase asetshenziswe ekwakheni uzinzo ezikhungweni zezemfundo ephakeme.

OkaMacingwane uhlele ngokuphuthuma lomhlangano futhi wawusebenzisa njengenqola engeza nezixazululo ezinkingeni eziphethe abaphathi bezemfundo ephakeme kanye nabafundi.

Yize uHulumeni ungenalo ilungelo lokulawula lezizikhungo ngoba zizimele ngokwenqumo mgomo yohlelo lwazo, (Higher education are Autonomous).

OkaMacingwane uthe uhulumeni ungesonge izandla ubukele ngoba imfundo iyisisekelo sabantu baleli likaMthaniya futhi kuwumsebenzi kahulumeni ukubhekekela ezemfundo eMzansi nakulesisiFundazwe.

OkaMacingwane ucele abahambele lomhlangano ukuthi imfundo ibalulekile asibeke ipolitiki eceleni kanye nezinjongo zezinhlangano siqinise amaxhama kanye nezinhlelo zezemfundo.

Yena njengomholi wesiFundazwe ucela ukubambisana kubaholi bonke abezenkolo, abezendabuko, abezomnotho nawo wonke umuntu ofuna ezemfundo zibe isibani kilesisiFundazwe asebenzisane nabaholi bezemfundo.

Simeme nezimeya ukuba zibe ingxenye yethu ngoba abafundi abaningi bakhele zona futhi zingafaka amava ekwakheni ezemfumdo.

Uqhube wathi kufanele kusizwe abafundi ekulweni nezingqinamba ababhekene nazo kusukela emalini yokufunda, eyokuthutha abafundi, izindawo zokuhlala kanye nokushintsha uhlelo lwezemfundo (curriculum transformation).

"Njengabaholi kufanele sisondele ukuzosiza abafundi abantulayo nalabo abahlwempu ngokwedlulele ekubhekeleleni izinkinga ababhekana nazo zemihla ngemihla.

Kuwumthwalo wethu njengesigungu ukuvikela isithunzi sezemfundo kanye nokwenza kahle kwalesisikhungo.

Uthe uhulumeni uyazi ngesimo sokwentuleka kwemisebenzi okunomthelela omkhulu kuwo wonke umuntu esizweni nokwenza ezemfundo zibe senkingeni sikhuluma nje.

"Abantu abancane asebeqeqeshiwe nabo abasali ngaphandle njengoba isimo sokuntuleka kwemisebenzi sisibi ezweni lonkana.

Ukuba khona kwalengqungquthela yezinjula buchopho kanye nethemba esinalo kungase kuze nezixazululo ezingasiza abantu balesisiFundazwe".

OkaMacingwane uhlabe ikhwelo lokuthi uhulumeni uwodwa ngeke ukwazi ukuxazulula izinkinga ezibhekene nesiFundazwe uwodwa.


UHulumeni yikho umema wonke umuntu ukuthi athathe igxathu ekufukuleni inhlalonhle nokuthuthukiswa kwalesisiFundazwe.

UNdunankulu ubesephawula ngowayenguMongameli uTata Nelson Mandela ukuthi, wayekholelwa entsheni.

Wayazi ukuthi intsha yalelizwe yiyo engabaholi bakusasa.

Impumelelo yezwe ilele etsheni. UHulumeni wethembele kubaholi bentsha balesisiFundazwe ukuthi yibo abazosiza isiFundazwe ekuzeni nekhambi lezingqinamba ezibhekene nabafundi.

Uthe "UHulumeni uyazi ukuthi amathemba alababafundi abasezinkingeni zokungakwazi ukuqhuba izifundo zabo asemahlombe enu nina eningabaholi . "



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu*

# Kwethulwe uhlelo lokuhlumelelisa izimilo eNcotshane

Loluqeqesho luzolekelela kakhulu ekwazini ukutheni uHulumeni usebenza kanjani ukuze ikomidi lazi iminyango efanele ngqo ekulweni nezinkinga ezisemphakathini.

THOBEKA MALINGA

IHhovisi likaNdunankulu lisanda kwethula uhlelo lokuhlumelelisa izimilo kwisifunda saseZululand eNcotshane.

Loluhlelo luzolekelela uHulumeni waKwaZulu-Natal ngokuvuselela izimilo kuwona wonke umphakathi owakhe kwisifunda saseZululand.

Loluhlelo olwaziwa ngokuthi lMoral Regeneration Movement izolekelela uHulumeni ekusheshiseni izidingo zomphakathi kuma war rooms. Izakhiwo zama war-rooms ilapho kusuke kuhlangene umphakathi nezinhlaka zikaHulumeni lapho ziletha izinsiza eduzane nomphakathi.

Ukuvuselela izimilo kubantu kuzoba usizo kakhulu ikakhulu entsheni esebenzisa izidakamizwa ezifana newunga, umthunzi wezinkukhu kanye nemesedisiwunga, umthunzi wezinkukhu nezinye.

Zonke izikhulumi zikhulume ngazwi linye ukuthi akubunjwe isizwe sakusasa.

Kube sekukethwa ikomidi elizogijima ngaphansi kweMRM.

Lelikomidi le MRM lakhiwe yizinhlaka ezahlukene ezimeleleke kubona bonke oMasipala abangaphansi kwesifunda saseZululand.

Loluhlaka lwe MRM olukhethiwe luzothola uqeqesho lwezinsuku ezimbili lapho ngosuku lokuqala bazoqhamuka nomhlahlandlela wokulwa nezinkinga ezihlasele emiphakathini abaphuma kuyona.

Ngosuku lwesibili kuyobe sekukhona zonke izinhlaka zikaHulumeni zizokwethula ezikwenzayo noma okwenziwa yimiNyango kaHulumeni.

Loluqeqesho luzolekelela kakhulu ekwazini ukutheni uHulumeni usebenza kanjani ukuze ikomidi lazi iminyango efanele ngqo ekulweni nezinkinga ezisemphakathini. Inkosi yendawo, uMzamo Buthelezi wazibophezela ngokuxhasa loluhlelo lokuhlumeleliswa kwezimilo ngakho konke okuzodingwa yikomidi ekulweni nesihlava sokulahlekelwa izimilo kubantu.

Waphinda wakhuthaza ikomidi ukuba likhethe ngokuzimisela komuntu ozohola loluhlelo lokuhlumeleliswa kwezimilo kwisifunda saseZululand.




*Ithimba eliqokiwe ngaphansi koMkhandlu waseZululand obizwa ngeZululand District MRM Forum.* **Isithombe:** **THEMBA MNTYALI**



I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

SERVICE DELIVERY HOTLINE -
0800 596 596

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

TO BE THE CENTRE OF GOVERNANCE, PROVIDING LEADERSHIP TOWARDS ACHIEVING KZN VISION 2035




*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

# UZIKALALA UXWAYISE ABADAYISELA IZINGANE UTSHWALA

Yize othisha besebenza ngokuzikhandla, lokhu kuphenduka izeleze uma kuzosuka abantu emphakathini okumele kungabe yibo abaqikelela ukuthi izingane zisesikoleni ziyafunda bazidayisele utshwala.

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala wexwayise labo abadayisela izingane uphuzo oludakayo ngokuthi bangazithola sebebhadla ejele okungenani iminyaka emihlanu.

Lokhu ukusho ngenkathi ehambele izikole ezisenyakatho nesifundazwe eMkhanyakude njengengxenye yohlelo lukahulumeni iOperation Sukuma sakhe nalapho efike wathola khona umbiko wokuthi kunezindawo ezibude buduze nezikole ezidayisela izingane zesikole utshwala.

UZikalala, ophinde abhekele isikhungo esikhipha amalayisensi okuhweba ngotshwala esifundazweni IKZN Liqour Authority wathi ngokomthetho kaHulumeni akuvumelekile ukuthi kuhwetshwe ngotshwala okungenani amamitha angu 500 kusekela esikoleni.

Ngale kwalokhu, kusho uZikalala, labo abaqhubekayo nokuhweba bangazithola sebebhekene nezinyathelo zomthetho. "Kuyinto esikhathaza kakhulu ukuthi kunabantu abadayisela izingane utshwala, ikakhulukazi labo abenza lokhu ngesikhathi sesikole ngoba uma izingane seziphuzile azigcini nje ngokulahlekelwa emsebenzini wesikole kepha ziphinde futhi zithikameze isiko lokufunda nokufundisa kwazise kazibe zisalawuleka."

Eqhuba uNgqongqoshe wathi yize othisha besebenza ngokuzikhandla, lokhu kuphenduka izeleze uma kuzosuka abantu emphakathini okumele kungabe yibo abaqikelela ukuthi izingane zisesikoleni ziyafunda bazidayisele utshwala.

Ngokombiko weKZN Liqour Authority, lesi sikhungo sesivele sivale okungenani izindawo ezingu 15 ezidayisa utshwala ngokungemthetho eMkhanyakude namaphethelo nokuyinto uZikalala ayishayela elukhulu ihlombe.

"SiyisiFundazwe sifuna ukusebenzisana nazo zonke izinhlaka ukuze siqinisekise ukuthi nempela siyasiqeda lesisihlava sokudayiswa inoma ikhuphi kotshwala.

Sikhuluma nje esifundazweni sonke sesivala izindawo ezingu 136 ezingekho emthethweni." UZikalala wabe esethembisa ukuthi ngokubambisana nezinhlaka ezihlukene kuhulumeni kubalwa uMnyango wezokuPhepha, ezokuThutha nokuXhumana noMphakathi, umnyango wezeMfundo, owezeNhlalakahle kanjalo neKZN Liqour Authority uhulumeni uzoqhubeka nombhidlango wokuvala zonke izindawo ezidayisa utshwala ngokungemthetho, ikakhulukazi lezo ezidayisela abantwana besikole.



"SiyisiFundazwe sifuna ukusebenzisana nazo zonke izinhlaka ukuze siqinisekise ukuthi nempela siyasiqeda lesisihlava sokudayiswa inoma ikhuphi kotshwala."

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# UKUBAMBISANA NEZINHLAKA ZIKAHULUMENI YISONA SISOMBULULO EKUSHESHISENI UKULETHWA KWENTUTHUKO

**MINENHLE MNCWANGO**

Imizamo kaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali yokulwisana nobuphofu ibonakala iyimpumelelo kwezinye izindawo njengoba kukhona abasebenzi boMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi asebesize cishe bonke abafundi besikole simbe ukuba bahlomule ngezibonelelo.

Lokhu kuvele ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ehambele izikole, okukhona kuzo lapho cishe zonke izingane ezifundayo zithola izibonelelo zikaHulumeni endaweni yaseMajozini esiFundeni uMkhanyakude.

UNgqongqoshe uThusi uthe ezimweni ezinjena kubaluleke kakhulu ukubambisana phakathi kukathisha kanye nomzali ukuze umntwana aphumelele.

UNgqongqoshe uThusi ubehambele kulendawo ngesikhathi kunohlelo lukaHulumeni wesiFundazwe lokuya ebantwini, olwenzeka njalo ngenyanga lapho uNdunankulu nesigungu sakhe soNgqongqoshe behambela imikhandlu ezifundeni ezahlukene ukuyolalela izidingo zemiphakathi njalo ngenyanga, olwaziwa nge-Cabinet Operation Sukuma Sakhe. UNgqongqoshe uThusi ubephelezelwa iNkosi yeSizwe sakwaNtsinde, Inkosi uS'fiso Myeni, nobemele isiShayamthetho saKwaZulu-Natali, uNkosazana Hlobisile Dlamini, kanye nosopolitiki wendawo ku-Ward 2, uKhansela Njabulo Dlamini. Baqale ngokuhambela izikole ezimbili ezikhona endaweni yaseMajozini, okuyi KwaBamba Secondary School neMajozini Primary.

IKwaBamba Secondary School yakhiwa ngo-1997, kanti okumhlabe umxhwele ngalesi sikole yimiphumela esiyithole nyakenye ebe u-92%, isuka ku-62.3% esawuthola ngonyaka wezi-2015. Okunye okuphawuleka ngalesi sikole ukuthi kunabantwana ababalelwa ku-63 abathola isibonelelo kuhulumeni, futhi nezinga lokukhulelwa kwabafundi lehlile njengoba kulonyaka eyedwa kuphela umfundi okhulelwe.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, enikezela ngemifaniswano nokudla kubafundi.*

UNgqongqoshe uye naseMajozini Primary School, okuyisikole esinomlando omkhulu njengoba sasungulwa ngonyaka ka-1950, sisungulwa uMfundisi wasendaweni owayenentshisekelo yokuphucula imfundo yabantu abamnyama ngesikhathi sikaHulumeni wengcindezelo.

Kulonyaka lesi sikole sinabantwana abawu-262 ababhalisile, kanti kubona bawu-255 abathola isibonelelo kuHulumeni, bese kuthi abawu-7 abanezinkinga ezenza bangahlomuli kwisibonelelo kodwa udaba lwabo lusasetshenzwa osonhlalakahle boMnyango.

Kulezi zikole uNgqongqoshe unikeze abafundi abahlonzwe njengabadinga kakhulu imifaniswano abalishumi bakwaBamba Secondary School kanye nabayisikhombisa abaseMajozini Primary School.

Uphinde wahlomulisa zombili lezi zikole ngezinsiza zokuthuthukisa ezemidlalo, okubalwa kuzo amabhola kanye namajezi.

Nenkulisa yendawo ihlomulile njengoba ithole amathoyizi okudlala odado.

Ube eseya ehholo lomphakathi lapho umphakathi uthole ithuba lokuzwakalisa izinkinga onazo kuHulumeni.

Umphakathi ubonge iqhaza elibanjwe uHulumeni njengoba osonhlalakahle besebenza ngokuzikhandla behlangene nonompilo bendawo. Zibe khona izikhalo ebezifana nokungabikhona kwamathuba emisebenzi entsheni.

Umphakathi uphinde wacela ukulungiselwa inkundla yezemidlalo. Inkinga enkulu yokushoda kwamanzi ebhekene nezwe laseNingizimu Afrika ayisalanga ngaphandle njengoba nesomiso singakapheli.

Ethula inkulumo yakhe, uNgqongqoshe uThusi unxuse umphakathi ukuba uzimbandakanye nemihlangano ebizwa othisa ezikoleni, ebizwa yikhansela kanye nedidiyela zonke izinhlaka zikaHulumeni.

Uthe: "Imfundo iphakathi komzali nothisha, bese kuthi uHulumeni alekelele ekukhuliseni nasekufundiseni umtwana ngendlela. Kubalulekile ukuhambela nemihlangano edidiyela zonke izinhlaka zikahulumeni eyaziwa ngama-War Rooms lapho kubikwa zonke izinkinga ze-ward ukuze uHulumeni enze okuthile ngazo."

Uthe alikho elinye ikhambi elizosiza abantwana ngaphandle kokubambisana kanye nokusebenzisana okuhle kothisha, abazali kanye nemikhandlu elawula izikole.

# Ube nesasa umkhankaso wokuqwashisa ngezidakamizwa eNyuvesi yas'Ongoye

**MINENHLE MNCWANGO**

Ube nesasasa umkhankaso wokuqwashisa ngezidakamizwa oholwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni obubanjelwe eNyuvesi yas'Ongoye muva nje.

Kube sobala kulomkhankaso ukuthi akuyena yedwa uHulumeni okhathazekile ngokusetshenziswa kwezidakamizwa notshwala, kepha ikhona nentsha eyizitshudeni engakutholi ukuphumula ngalenselelo.

Ziphumele obala izitshudeni ezizokwenza unyaka wokuqala emikhakheni ehlukahlukene, zasho ukuthi azihambisani nokusetshenziswa kwezidakamizwa, zaphinda zenza izincomo zokuthi uHulumeni akashintshe imithetho elawula ukusetshenziswa kwamanzi amponjwana.

Bathe abafundi kungaba yisu elihle ukuba umthetho olawula iminyaka yobudala abantu abavumeleke ukungena ezindaweni ezidayisa amankwebevu iqale eminyakeni ewu-21, hhayi ku-18 njengoba kwenzeka okwamanje ngoba iningi lentsha enaleminyaka lisuke lisafunda isikole. Ezikhungweni zeMfundo ephakeme sesithanda ukwanda isibalo sabashushumbisa izidakamizwa njengoba ziningana izigameko zabantu ababoshwayo ngenxa yezidakamizwa, kanti futhi nenzidawo zokucima ukoma zizungeze izikhungo.

Kuvelile ukuthi oNgoye ibikhona indawo yokucima ukoma, kodwa okumanje seyivaliwe.

Ethula inkulumo kulomkhankaso, uMenenja woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi obhekene nokuqwashisa nokusiza asebehaqwe yizidakamizwa notshwala, uMnumzane Radesh Byroo, uncome intshisekelo ekhonjiswe izitshudeni, wathi uHulumeni ukuze asebenze ulalela abantu ukuthi bafuna kwenziwe njani. Uthe: "UHulumeni uzwa izimvo zabantu ukuze asebenze, ngakho-ke kubalulekile ukuba nize nemibono ezosiza uHulumeni kanye nomphakathi wonkana ukuqhubekela phambili nempilo".

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni unezikhungo ezimbili ezelapha labo asebecwile ezidakamizweni, okuyi-Newlands Park Centre kanye neMadadeni Rehabilitation Centre.

Zikhona nezinye ezixhaswe uMnyango, okuyiSiyakhula eseThekwini, iSitholimpilo, yona ese-Port Shepstone, iphinde ibe khona ebizwa ngeKhanya Treatment Centre esendaweni yase-Newcastle.

Kulemikhankaso uMnyango bewubambisene nabakwa-SANCA, okuyinhlangano engenzi nzuzo exhaswe uMnyango ngezizumbulu zemali ebimelwe uMnumzane Velaphi Madlopha, naye onxuse abafundi ukuba bangazimbandakanyi nezidakamizwa ngoba kungamosha impilo yabo futhi balahlekelwe ithuba lokuba nekusasa eliqhakazile.

Bekukhona noMnumzane Muzi Gumede obeyisikhulumi futhi nobesephenduke isisulu sokusetshenziswa kwezidakamizwa owethule ubufakazi bokuthi impilo yakhe yalimala kanjani ngenxa yezidakamizwa. Uthe: "Ukusebenzisa izidakamizwa kuyalimaza ngoba kukushiya nenqwaba yezifo. Kunezidakamizwa ozifaka egazini



*INgxenye yabafundi bas' oNgoye kanye nabasebenzi boMnyango ngesikhathi kunomhlangano wokucobelelana ulwazi mayelana nokulwa nezidakamizwa nokusetshenziswa kotshwala ngokweqile.*

ngokuba nijove ngomjovo owodwa nibaningi. Lokho kunobungozi bokuthelelekha ngezifo."

Ezinye izincomo ezenziwe izitshudeni kube ukunxusa uHulumeni ukuba avale izikhangiso zotshwala kumabonakude nakumaphephandaba, akwandiswe izikhungo zokuhlumelelisa izimilo, akusetshenziswe abezindaba ukuqwashisa ngobungozi bezidakamizwa.

Bathe akuqeqeshwe izitshudeni khona zizokwazi ukuba ngamanxusa okulwisana nezidakamizwa emiphakathini eziphuma kuyo.



**"Ukusebenzisa** izidakamizwa kuyalimaza ngoba kukushiya nenqwaba yezifo."

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UHLELO OLUYINGQAYIZIVELE LOKUSATSHALALISWA KWEMITHI YAMAHLALAKHONA LUYISIBONELO ESIHLE SOKUSEBENZA KWE-NHI



I-NATIONAL Health Insurance (NHI) scheme ngolunye lwezinhlelo okukhulunywa ngazo kakhulu kulelizwe. Kodwa ngoba ukwethulwa kwayo kusesezigabeni zokuqala, futhi kusamele kuhlelwe kabusha ezempilo, akusiwona wonke umuntu oqonda kahle ukuthi imayelana nani i-NHI.

I-NHI, esukela kumhlahlandlela kaHulumeni wezeNtuthuko (National Development Plan 2030), ingachazwa kangcono njengohlelo lokuphucula izikhungo zezempilo zibe ezisezingeni eliphezulu njengalezi ezizimele; zingambi eqololo; futhi zivuleleke kuzo zonke izakhamuzi zakuleli, ngaphandle kokushiywa ngaphandle kwalabo abahlwempu. IsiFunda saKwaZulu-Natal sisenhlanhleni ngoba izinsiza eziphathelene nohlelo lwe-NHI seziqalile ukubonakala kubantu abaningi. Ukwenza isibonelo nje, kusukela ekwethulweni kwalolu hlelo kuzwelonke ngo-2014, bangu 503 000 abantu bakulesi sifundazwe asebezuze lukhulu ohlelweni lokusatshalaliswa kwemithi yabo eduzane nasemakhaya abo (Central Chronic Medicine Dispensing and Distribution), njengoba bengasahambi amabanga amade ukolanda imithi yabo yamahlala khona emitholampilo nasezibhedlela. Lolu uhlelo olumqoka kakhulu kulezo ziguli eziphethwe amahlala khona; izifo ezifana nesifo sikashukela, umfutho wegazi, isandulela ngcuazi negciwane layo, isifo sifuba I –TB, njengoba manje sekulula ukulanda imithi yazo eduzane namakhaya azo. Phakathi kwezindawo abalanda kuzo imithi singabala amahholo omphakathi, isezindaweni zamakhosi, emasontweni, ezitolo, ezinkulisa, kanye nakuma-War room ka-Operation Sukuma Sakhe.

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal usukwazile ukuhambela izindawo ezahlukene uhamba ufundisa ngalolu ezifundeni ezahlukene esifundazweni.

Kuzijabulisa kakhulu izakhamuzi zesifundazwe ukubona uhlelo olunjengalolu, njengoba lunomphumela omuhle futhi lenza ngcono impilo yabantu bakulesi siFundazwe. Sezizonke izindawo okulandwa kuzo imithi njengamanje zingu 558 isiFundazwe sonke, kanti uMnyango wezeMpilo uhlela ukuthi zifinyelele ku 746 ekupheleni konyaka wezimali ka 2017/18.

Ekuxoxisaneni kwethu nabantu bethula nobufakazi ngalolu hlelo sihlabeke umxhwele uma bezwakalisa ukujabula ngoba bengeke besavuka ekuseni ngovivi, besebenzisa imali yabo yokugcina begibela beyolanda imithi emtholampilo nasezibhedlela, nalapho bebehlala emigqeni emide belindile ukuze bezothola imithi yabo. Abanye bathokozela ukuthi manje sebezokwazi ukulanda imithi yabo kungabonakali ukuthi eyasiphi isifo njengoba igoqwe kahle ngephepha elingabhaliwe ukuthi umuntu uphethwe isifo sini. Kanti lokhu ngeminye yemizamo ezokwenza kwehle ukucwaswa kwabantu ngokwezifo ezibaphethe.

Eqinisweni, abanye babo sebebiza lona lolu hlelo lwe CCMDD nge "medical aid" ngenxa yokuthi lwenza impilo yabo ibe lula futhi luyashesha. Loluhlelo lwenze umsebenzi omkhulu ukunciphisa imigqa emide yabantu ebijwayele ukuba khona ezikhungweni zezeMpilo ngenxa yabantu abebesuke bezolanda imithi yazo.

Lokho kuchaza ukuthi selizoncipha izinga lokukhandleka kwabahlengikazi noDokotela manje kwazise sebezobona iziguli ezincane ngosuku, futhi sekuzobonwa labo ngempela abadinga ukubonwa uDokotela.

Lezo ziguli ezifisa ukusebenzisa loluhlelo ziyanxuswa ukuba zibhalise esikhungweni sezempilo ebezilanda kuso imithi.

Kumele ziphathe omazisi bazo noma amaphepha ayizimvume ukuze zizokwazi ukulanda imithi yazo. Imithi izobe isithunyelwa lapho isiguli esikhethe ukuyilanda khona ngesikhathi sibhalisa. Kodwa sizoqale sithole umyalezo kumakhalekhukhwini (SMS) ukuthi imithi isifikile sesingaya ukoyilanda. Izinsuku zokuyilanda zibhaliwe ekhadini lokulanda imithi, njengoba lelokhadi linemininingwane emqoka ngemuva. Onompilo bayakwazi ukulandela iziguli imithi uma kuzohleleka kahle nesiguli esingasakwazi ukulanda imithi yaso emtholampilo. Isiguli kumele sibhalise imininingwane yesihlobo noma loyo ozosilandela imithi. Ukuthola eminye imininingwane ngohlelo lwe-CCMDD, umphakathi ungashayela kulezizinombolo ezingezansi zamahhala noma u-Please-Call :

- Eyamahhala ithi: 0800 070 070
- Eka Please-call-me: 073 161 7102

NjengoHulumeni kumele siqhubeke nokwethula uhlelo lwe-NHI ngezinhlelo ezifana ne-CCMDD; kanye nezinye ezifana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda, ukufaka ezophuchwepheshe, ukuqashwa kodokotela, amathimba abezempilo abahambela imindeni (Family Health Teams); ahambela izikole (School Health Teams); ukujutshwa kwama Clinical Specialist ezifundeni; nokusungula uhlelo luka Phila Mntwana (Child Health Centres).

# Masizithande, sizivikele, sihlele imindeni ukuze siphile

DKT SIBONGISENI DHLOMO

**INYANGA** kaNhlolanja eqala kusasa (01 February 2017) ithathwa njengeyothando njengoba inosuku lwezithandani i-Valentine's Day. Kuyinto enhle nedinga ukugqugquzelwa ukuthi lwande uthando njengoba izinxushunxushu zidlange kangaka emhlabeni jikelele. Kodwa kusiza ngani ukuthanda omunye umuntu kuphela uma ungazithandi wena?

Kuyini ukuzithanda? Ukuzithanda akugcini nje ngokubukeka kahle, ugqoke uconse. Okusemqoka kakhulu wukuthi unakekele umqondo nomzimba wakho ngaso sonke isikhathi; kusukela ekudleni okudlayo, kuye ekuzivocavoceni, kuze kufike nasezinqumweni ozithathayo kwezocansi.

Kithina njengoMnyango wezeMpilo lenyanga ingeyokuqwashisa umphakathi ngokubaluleka kokuHlela imiNdeni (Reproductive Health Month) nokuthatha izinqumo eziphusile kwezocansi. Enye yezinselelo esibhekene nazo siyiNingizimu Afrika wukwehlisa isibalo somama abashona beyoteta, noma besanda kuteta; kanye nesabantwana abashona bengakayihlanganisi iminyaka emihlanu. IsiFundazwe saKwaZulu-Natali siyikhaya kubantu abalinganiselwa ku-10 million, kanti kulabo bantu kunomama abalinganiselwa ku 220,000 ababelethayo njalo ngonyaka. Abesifazane abalinganiselwa ku 192,000 babelethela ezikhungweni zezeMpilo zikaHulumeni.

Siphezulu nesibalo sabantu abafaka izicelo zesinxephezelo ngenxa yezinto ezenzeka ezikhungweni zezeMpilo ngesikhathi omama beyoteta, nokuyinto uHulumeni azimisele ukulwa nayo ukuze iphele.

Kodwa sesiyazi ukuthi ukuba phezulu kwalezi zibalo kudalwa, phakathi kokunye, wukungayihleleli impilo. Lapha sibala ukukhulelwa kwabantu abaneminyaka engaphansi kuka-18 nabangakakulungeni ukuzala; ukungayi emtholampilo ukuyoxukuza kusenesikhathi – ukuze kusheshe kungenelelwe uma kunezinkinga - nokusaba kwabantu ukuhlolelwa igciwane lesandulela-ngculazi.

Nakuba KwaZulu-Natali sesenze umehluko omkhulu nobonakalayo ekwehliseni isibalo sezingane ezisuleleka ngegciwane le-HIV ngesikhathi zizalwa, njengoba kwehle kusuka ku-20% ngo-2008 kwaba ngu 1,2% njengamanje, umbhidlango wokuphepha komama abazithwele nabantwana babo usaqhubeka. Kodwa ukuze sigcine siyinqobile lempi, kuzofanele sishintshe ukwenza.

Kufanele siqale sivuleleke kubantabethu, sikhulume nabo ngezindaba eziphathelene nocansi; ubungozi bokukhulelwa nokukhulelisa kungahleliwe; kanye nezindlela abangazigcina ngazo bephephile. Masibakhumbuze ukuthi kubalulekile ukuzithiba balinde isikhathi esifanele sokubandakanya kwezocansi, umuntu ozithandayo akalali nomunye ngaphandle kokuzivikela.

Masibazise ukuthi ukukhulelwa komuntu engahlelile kuyayiguqula impilo ngendlela engeyinhle, kwazise kuhambisana nezindleko ezintsha zokondla umntwana.

Owesifazane osemncane angaphazamiseka esikoleni, kokunye agcine engabuyelanga; kanti owesilisa osemncane naye uba nengcindezi yokuthola imali yesondlo. Angisayiphathi eyezifo ezithelelanayo ngenxa yocansi olungavikelekile. Kokunye kugcina sekufakwana ezinkantolo. Ngani na? Yikho ukungazihleli izinto.


Ekuyaleni kwethu abantwana asingagxili emantombazaneni kuphela, ngoba awazikhulelisi. Abafana mabafundiswe ukuzithiba nokuzivikela nokungakhulelisi amantombazane bese bewashiya ngoba lokhu akugcini ngokuwacekela phansi nje, kodwa kuletha emhlabeni abantwana abazokhula bengenakho ukwesekeka okufanele, nokubuye kudale izinkinga ngokuhamba kwesikhathi.

Uma singakhulumi nabantwana bethu, sithanda singathandi siyovuka emva kwendaba, sebengene shi ezinkingeni, emva kokuthola izeluleko eziyinkolelo-ze kwabanye abantu. Ukukhulelwa okungahlelelwe kungakwehlela noma usumdala, kuphazamise impilo yakho. Ngakho-ke, sifisa ukukhumbuza umphakathi wonkana ngokubaluleka kokusokwa kwabesilisa; ukusethenziswa kwama-condom abesilisa nabesifazane ngokohlelo lokuzivikela okumbaxambili (Dual Protection) ukuze kugwenywe ukukhulelwa okungenasidingo, izifo ezibhebhetheka ngokocansi kanye nesandulela ngculazi. Lezi zinsiza zitholakala mahhala emitholampilo, kanti phakathi kwezokuhlela imindeni kubalwa ukujova, amaphilisi adliwa nsuku zonke, i-loop, kanye nokusanaliti okushuthekwa ngaphansi kwengalo, okubizwa nge-Implanon.

Ukuqinisekisa ukuthi intsha izizwa yamukelekile ezikhungweni zezempilo, uMnyango unehlelo i - Youth User-Friendly services. Lapha sithi abasebenzi bezempilo mabahlinzeke intsha edinga usizo lwezempilo lwanoma yiluphi uhlobo, kubandakanya ukuzohlela imindeni ngaphandle kokuyehlulela. Uma sonke singake sime nje kancane, sicabangisise ngokuzithanda thina kuqala ngaphambi kokuba sithande abanye, singabona ukuthi kubaluleke kangakanani ukuhlela imindeni. UHulumeni ngeke ayinqobe eyedwa lempi. Wonke umuntu uneqhaza okumele alibambe kulokhu - kusukela kubaholi be zepolitiki, bemiphakathi, bezenkolo nonompilo, ukuqinisekisa ukuthi iyaqhakanjiswa imiyalezo ngokuhlelwa kwemindeni, nokuthi labo asebekhulelwe bayayihambela imitholampilo ukuyofunda ngezindlela ezifanele zokuzinakekela.

Phambili nokuzithanda nokuzinakekela ngokuhlela imindeni, phambili!!!

**UDkt Sibongiseni Dhlomo uwuNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali*



**"Uma singakhulumi nabantwana bethu, sithanda singathandi siyovuka emva kwendaba, sebengene shi ezinkingeni."**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# UMNYANGO UJUBE AMATHIMBA EZINHLEKELELE NGEMUVA KWEZIMVULA EZINAMANDLA

SIPHAMANDLA MBEWA

Amathimba ezinhlekelele avela eMnyangweni wezokuBusa ngokuBambisana kanye neZindaba Zomdabu akhishwe ngobuningi ukulawula inhlekelele edalwe umoya onamandla kanye nezimvula ezinamandla oGwini, ngempelasonto edlule.

IsiFunda sasoGwini yiso esikhahlamezwe kakhulu yisiphepho kanye nemvula enamandla njengoba kulimale imizi ebalelwa kwengamashumi amathathu ngaphansi komasipala waseMdoni, kuWadi 1.

Izimvula lezi ebezihambisana nomoya onamandla zadabula uphahla emizini eminingi zaphinde zadala umonakalo.

"Ngawo wonke amasizini amathimba ethu ezinhlekelele ahlale emi ngomumo ukusabela uma edingeka. SinguMnyango sibonga ukuthi izimvula lezi aziholelanga ekutheni kubekhona umphefumulo olahlekayo. Sicela ukuthi abantu bakithi bahlale beziqaphile ngazo zonke izikhathi. Sizoqhubeka nokuqapha isimo kuzo zonke izinkalo zesiFundazwe sethu njengoba sizimisele ukunciphisa izehlakalo ezingaholela ekuphumeni komphefumulo kanye nokulimala kwempahla," kusho uMphathiswa Nomusa Dube-Ncube.

Izimvula ezinamandla ekubikezelwe ukuthi ziwele kwithombo yokulawula amanzi emavikini ayisithupha ezayo zizoba usizo olwamukelekile esiFundazweni esikhahlamezwe kakhulu yisomiso esibi kunazo zonke esezike zabakhona kulesisiFundazwe.

Iningi lamadamu kulesisiFundazwe anamanzi angamaphesenti angaphansi kwayishumi nanhlanu okuholele ekutheni omasipala abaningi esiFundazweni baphoqelele imikhawulo yamanzi.

"Sikhulekela ukuthi amazulu avulekele ezindaweni lapho kukhona imithombo yethu yokulawula amanzi.

Okusikhathazayo kakhulu njengamanje ukuthi sesibheke ebusika manje uma izulu lingani phakathi kukaNholanja kanye noNdasa, sizozithola sikwenkulu inking.

Abantu bakithi sekufanele bakwenze isiko ukonga amanzi ngenxa yokuthi kusekude siphume enkingeni yokushoda kwamanzi esibhekene nayo naphezu kwalezizimvula esizibonayo," kusho uNgqongqoshe.

Njengoba isimo sezulu



esibikezelwe esikhathini esizayo sikhomba ukuthi kuzoba nezimvula ezinamandla eziFundazweni kunxuswa ukuthi abashayeli bashayele ngokucophelela baphinde baqikelele uma bedlulisa izimoto zamo phezu kwamabhuloho antanta amanzi.

# Nasemadlangeni sekuphoqe ukuba kusukume uDube-Ncube

VERNON MCHUNU

Sekungalindeleka ukuba maduzane kubuyele esimweni esejwayelekile ukulethwa kwezidingo-ngqangi kanye nokuthuthukiswa kwenhlalo yabantu emiphakathini eyakhele umasipala waseMadlangeni, onkaba yawo kusedolobheni i-Utrecht. Lokhu kulandela isinyathelo esinqala sokuba uhulumeni wesifundazwe angenelele kuzona zonke izinhlelo zokuphatha lomasipala – ngenxa yokuthi amakhansela abesalokhu eqhubekile nakuba ekhuzwa ukulokhu edonsisana ngokwezepolitiki ngaphezu kokuba kubekwe phambili ukusebenza kukamasipala okulindelwe yizakhamizi. Ukungenelela eMadlangeni kulandela ungenelelo olufanayo nolusanda kwenzeka kumasipala waseNquthu, kulandela izinkinga ezithi azifane.

Ngeledlule, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uhambele izakhamizi ezakhe ngaphansi kwalomasipala, ngenhloso yokuzokwazisa ngokusemthethweni imiphakathi ngesinyathelo sikahulumeni wesifundazwe sokuba umnyango wakhe manje kube yiwona olawula ukusebenza kwalomkhandlu ngenhloso yokuba ukuthuthukiswa kwabantu kungabanjezelwa wukuthi amakhansela wona asalokhu eqhubekile nomdonsiswano wezepolitiki kusukela umkhandlu ubunjiwe emveni kokhetho lohulumeni basekhaya lwangoNcwaba nyakenye. Balinganiselwa ezinkulungwaneni ezintathu abantu abebethamele lembizo, ebibanjelwe ezinkundleni zemidlalo eWhite City Stadium ku Ward 2.

Besekukaningi uNgqongqoshe uDube-Ncube ehlangana namakhansela omkhandlu, nalapho khona ebewanxenxa ukuba apheze ukulokhu ebeke ukupolitika phambili, kepha aqinisekise ukuthi zonke izinhlelo zokusebenza kukamasipala njengokulayela kwemithetho ebhekelele lokho, ziyenziwa.

Kepha yonke imizamo yakhe yokuxoxisana namakhansela kugcine kucace bha kuhle kwengemumva lembuzi ukuthi iyaphunza, nokuyilapho ungqongqoshe abe esethi "okwehlula amadoda kuyabikwa", wabe esedlulisela isimo kuNdunankulu weSifundazwe umhlonishwa uWillies Mchunu, nobe esenquma ngokuhlanganyela nesigungu seKhabhinethi yesiFundazwe ukuba umasipala ulawulwe ngumnyango kaDube-Ncube njengalokhu uMthethosisekelo wezwe ulayela kanjalo lapho khona kunobufakazi bokuthi amakhansela awayingeni eyokusebenza ngendlela komkhandlu. "Zingi izinhlelo zokusebenza kukamasipala ebese zime nse ngenxa yokungahlangani kusetshenzwe ngendlela kwamakhansela. Ngisho nabasebenzi imbala abaningi babo bese bezihlalela nje emakhaya ngenxa yokuthi phela bese uchakide ubese ehlolile imamba yelukile ngokuthi amakhansela okuyiwona amele ukuba yiso lokusebenza kwabasebenzi, nawo abelibele ukuzibangela ipolitiki," uDube-Ncube uchazele inzinkumbi zezakhamizi kanjena.

"Thina-ke njengohulumeni okhethwe ngabantu, futhi okhonela ikakhulu ukubhekelela ukulethwa kwentuthuko kubantu ngomasipala, sibe sesiphoqeleka-ke ukuba sedlulisele udaba lwalesisimo komdala kunathi, uNdunankulu ubaba uMacingwane, nalapho-ke kube sekuthathwa isinqumo ngokulandela uMthethosisekelo wezwe, sokuthi umnyango kungancono uphathe izintambo kuze kube amakhansela ayaba sesimweni sokusebenza ngendlela," kuchaza uDube-Ncube, enkulumweni yakhe obekuzwakala ngehlombe nenhlokomo nemikikizo yomama ukuthi umphakathi uyayenanela. UDube-Ncube usebenzise imbizo ukuveza nokuthi umnyango wakhe ususebenzise inkece ebalelwa ngaphezu kwezigidi eziyishumi ukuthuthukisa idolobha lendawo lase-Utrecht, ngenhloso yokuba libe sesimweni sokuthi lingaheha osozimboni; lenze kubelula ukuba abahwebi abasantulayo basebenzele kulona; futhi lihehe nezivakashi ukuze kukhule umnotho wendawo.

"Yimisebenzi njalo yonke lena engagcina ifana nomsebenzi wenkawu uma kungukuthi umkhandlu awusebenzi ngendlela njengoba kade kwenzeka nje ukuze singenelele – ngenxa yokuthi phela kudingeka njalo kube nobuholi obuzothatha izinqumo nganoma yiziphi izinhlelo ezenziwayo ukuthuthukisa inhlalo yabantu." Uphethe ngokuthi umlawuli ofakiwe uzoba



*UNgqongqoshe uDube-Ncube ubehambisana nosihlalo weNdlu yobuholi bomdabu esifundazweni iNkosi Mdunge kanye noSekela Sihlalo weNdlu, iNkosi Ngcobo, ngesikhathi echazela izinkumbi zabantu ngongenelelo lwesifundazwe eMadlangeni.*



ngowesikhashana, kanti uzodeze eletha imibiko kuyena (ungqongqoshe) ukuze kuqashelwe ukuthi isimo siyangobungcono yini, noma qha.

"Uma isimo sibuyela kwesejwayelekile, namakhansela esekhombisa ukuzimisela ukungabeki ipolitiki phambili, siyobe sesimhoxisa umlawuli. Kepha uma kungalungi, singaze siphoqeleke ukuba siwuhlakaze umkhandlu – nokuyinto esingafisi ukuba yenzeke," kuchaza uDube-Ncube.



**"Sicela ukuthi abantu bakithi bahlale beziqaphile ngazo zonke izikhathi."**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# UMAGAGULA USHINTSHA IZIMPILO ZABAFUNDI ESODWANA

**SKHULULIWE KHOZA**

Injabulo ibibhalwe ebusweni kubafundi baseQongwane Primary School (eSodwana) ngesikhathi iNhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal, uMnuz. Simiso Magagula, ifaka ingqalasizinda yamanzi kulesi sikole. UMnuz. Magagula unikele ngamathangi amanzi (oJojo Tanks) kulesi sikole, waqeda inhlupheko ebeyibagubuzele isikhathi eside yokwentuleka kwamanzi. Uphinde walekelela ngokuthi kufakwe umshini ozophehla amanzi azonisela izivande zesikole ukuze kukhiqizwe ukudla okunempilo okuzodliwa yizingane ezifunda lapha.

UMagagula uletha lolu sizo kulesi sikole nje inhliziyo yakhe ibingaphumulile izinyanga eziningi emva kokuthi ezibonele izinhlupheko othisha kanye nabafundi ababebhekene nazo ngenxa yokwentuleka kwamanzi kulesi sikole iminyaka eminingi.

Uthe: "Ngike ngavakashela lapha ngonyaka wezi 2015, ngokohlelo lukahulumeni wesifundazwe i-Operation Sukuma Sakhe (OSS), ngizobheka isimo sokufunda nokufundisa. Ngathola ukushaqeka lapho ngithola ukuthi isikole kasinawo amanzi. "Kungiphathe kabi lokhu ngabona kufanele ukuthi ngenze imizamo yokuthi isikole sithole amanzi ukuze kuthuthukiswe lesi simo esiphazamisa ukufunda kwabantwana bethu. "UHulumeni wethu uzimisele ukuthi wenze ngcono imfundo yezingane zethu ngoba ikusasa lezwe lethu lilele kuzo lezi zingane. Lokhu yinto esike sayenza kwezinye izikole ukuze siqinisekise ukuthi siphucula imfundo nezimo zezikole zethu," kuchaza uMagagula.

Uthishanhloko walesi sikole uNkk. Khululiwe Mkhize uthe, "Sesiside isikhathi engekho amanzi kulesi sikole. Bekunzima ukubona abantwana bedinga amanzi. Kuyasithokozisa ukungenelela koMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ngoba kwethule umthwalo emahlombe ethu futhi nezimpilo zethu zizobuyela esimweni esikahle," kusho uthisha nhloko. Uthe zikhona ezinye izingqinamba ababhekene nazo kulesi sikole okubalwa kuzo izindlu zangasese ezingenele, kanye nezinga lobugebengu eliphezulu.

UNkk. Mkhize uqhube wathi kudingeka unogada kanye nokubiywa kwesikole ukuze kuvinjwe ukulahleka kwempahla.

UCebo Mthembu ongumfundi kulesi sikole uthe, "besiphoqeleka ukuba sibuyele emakhaya uma




*Abafundi baseQongwane Primary School, uThishanhloko uNkk. Khululiwe Mkhize neNhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa, uMnuz. Simiso Magagula, babungaza ukwethulwa kohlelo lokuphakelwa kwamanzi esikoleni.*
***Isithombe:* *NHLAKANIPHO BUTHELEZI***

engekho amanzi futhi siyaphazamiseka ekufundeni.

Kodwa-ke lokho sekuyinto esifana nephupho ngoba uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa usuzishintshile izimpilo zethu," kuchaza lo mfundi.

# Bakhelwe elithi "bona" idolobha kwesakwaBiyela

**VERNON MCHUNU**

Imikliklizo yomama nogogo ibe wubufakazi bentokozo yezinkumbi zabantu abakhele isigodi sakwaBiyela ngaphansi kukamasipala wasekhaya uMlalazi, ngesikhathi ungqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu ezifikele mathupha ukuzokwethula udedangendlale wesikhungo esizohlinzeka izakhamizi ngezinhlobonhlobo zezidingo kulendawo.

Bahluleke nawukuzibamba abantu ngesikhathi umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube ebethulela lesisikhungo, nesidle izigidi ezilinganiselwa kweziyisishiyagalombili, sekubandakanya noMuzi Wesizwe ozolekelela ekusingathweni kwemisebenzi yenkosi yesizwe nazona zonke izindaba ezithinta isizwe ngokomdabu.

Isakhamuzi umama u-Ntombifikile Zuma, oneminyaka engu 62, ubudala uthe uhluleka ngisho ukuyichaza injabulo ekuye ngenxa yokuthi ngokuchaza kukangqongqoshe isikhungo lesi sizomuphumuza yena nomndeni wakhe, kwazise njalo nxa bedinga okuthile bayaphoqeleka ukuba baqombole balibangise kude edolobheni iShowe.

"Phela thina bantu asifani nabelungu bona abanezimoto ezibasiza ukuthi uma befuna izidingo zikahulumeni nokunye, bavele bashaye imoti basheshe bafinyelele kulokho.

Wena muntu kumele uphume endlini uhambe ngonyawo ibanga elide uze ufiyelele esitobhini, nalapho ufike ulinde, bese kuthi ngesikade kuyima kuqhamuka leyomoti noma lelobhasi, likufune itshe lemali, kuthathe esiiiide isikhathi ngaphambi kokuba ufinyelele edolobheni… Nalapho ufike ume ulayini ngoba ufica vele sekunohide lwabantu abantula usizo njengawe.

Kuyoze kuthi seliyozilahla kunina, kuyima uphumelela, kuphinde futhi kube yiso leso, sezinto zokuhamba. Awu, mntanami, ekhaya ufika lishona…" usho kanjena okaZuma ngesikhathi echaza usizi asebezophuma kulona njengoba sebakhelwe isikhungo esizoletha konke abakudingayo eduzane.

"Ngakho-ke siyajabula kakhulu ngoba manje uHulumeni wethu ususilethele eduzane isakhiwo esizoba nazona zonke izidingo ezivela kuhulumeni.

Futhi okumnandi wukuthi lezizikhungo zizozishaya samadolobha amancane azosiza thina bantu basemakhaya, njengoba kuzoheheka nosozimboni abazokwakha izitolo ezinkulu.

Namuhla ngithi "bhabhayi weShowe", nathi sesinedolobha lethu." Umama uZuma ungomunye wezakhamizi athe uDube-Ncube sezizothola ukuphumuzeka ngenxa yokuthi isakhiwo lesi esaziwa ngokuthi yi Biyela Community Service Centre, sizobandakanya izinsiza ezitholakala kuhulumeni wasekhaya, owesifundazwe kanye nokazwelonke.

"Lesisikhungo zizokwenza impilo ibe lula kakhulu emiphakathini eminingi enezakhamizi ezibalelwa ku 7 000, nebikade ithembele kuphela edolobheni i-Showe noma ke iMpangeni, njengoba lesisikhungo sisondenza eduze abakwa Home Affairs, abakwa SASSA, inkansela lalapha ku Ward 6, Inkosi yesizwe nonobhala wayo.

Lesisikhungo sine boardroom ezosetshenziswa emihlanganweni ye Ward Committee kanye



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

nemihlangano yezomdabu. Elinye lamahhovisi lizosetshenziswa njengendawo yokuba kuhlanganwe kubhekwane nezinhlobo-nhlobo zezinselelo ezingabakhona ngaphansi kuka Ward 6.

Leyo-ke yilokhu esikubiza ngokuthi yi War Room, nengaphansi kohlelo luka Sukuma Sakhe," kuchaza uDube-Ncube.

Uthe isikhungo siphinde futhi sinikeze amathuba kosomabhizinisi abasafufusa njengoba sibandakanya nezindawo zokuthengisa ezaziwa ngokuthi ama Market Stalls.

"Ama Community Service Centres aphinda futhi avule amathuba okuba kuheheke osozimboni, amabhange kanye nezitolo ezinkulu, nokuzosiza kakhulu ukuba kudaleke amathuba emisebenzi kubantu balapha endaweni.

Yingakho sithi ngamanye amazwi ukusukuma kukahulumeni wenu unakhele lezizikhungo, ngenye indlela kungukwakhiwa kwamadolobha amasha nabhekene nje ngqo nokusiza abantu abasezindaweni zasemakhaya," kusho yena.

Ube esechaza futhi ukuthi umnyango uphinde wavuselela uMuzi Wesizwe, nowawulimalile ngesikhathi kunemibhikisho yomphakathi ngonyaka ka 2008.

"Siyabonga nje ngoba sengathi futhi kube nokuxolisa ngasohlangothini lomphakathi ngokuthi ukunganeliseki kwawo ngokuthize kwagcina sekuholele esinyathelweni esingesihle sokuthi kulinyazwe impahla, ikakhulukazi okuyimpahla ethithene nenkosi yesizwe."

Khonamanjalo, uDube-Ncube ube esesebenzisa lomcimbi ukugxeka ukuthi umphakathi ulimaze impahla eyakhiwe ngemali yabo belu abakhokhintela, lapho kukhona izikhalazo ezithile.

"Lesisihlava sakamumva nje siyinto esibuyisela emumva ngempela siyisiswe ngoba bheka nje siphinde futhi sathatha kuyona imali yomphakathi ukuba silungise futhi uMuzi lona Wesizwe.

Kungokunye ke lapho khona sekuba yithina futhi bantu abamnyama abathunaza isithunzi sobuholi bomdabu ngokuthi sicekele phansi impahla esentshenziswa yinkosi," kunezezela ungqongqoshe.

Ube esephetha ngokuchaza ukuthi isifunda iKing Cetshwayo (lapho kuzinze khona umasipala lona wasekhaya uMlalazi) singezinye phakathi kwezininingi lapho uhulumeni akha khona izikhungo ezifuze lesi.

"Uhlelo lwama CSCs luyaqhubeka nokusabalala esifundazweni sonke, njengoba nje onyakeni wezimali wakamumva u 2015/2016 sesinazo lezizikhungo kanjena:

| CSC | Isifunda | Umasipala wendawo | Izindleko |
|---|---|---|---|
| Xulu-Msiyane | Zululand | Abaqulusi | 7 583 006.02 |
| Biyela | King Cetshwayo | Umlalazi | 7 776 431.82 |
| Ngwenya | Jozini | Umkhanyakude | 7 803 281.93 |
| Emondlo | Zululand | Abaqulusi | 7,250 000.00 |

"Kanti lezi ezilandelayo zona zizophuthulwa maduzane, kanti okwamanje zisemazingeni ahlukahlukene okuphothuleka:

| CSC | Isifunda | Umasipala wendawo |
|---|---|---|
| Bulwer | Harry Gwala | Ingwe |
| Kwambonambi | King Cetshwayo | UMfolozi |
| Matimatolo | Umzinyathi | UMvoti |
| Amahlubi | Uthukela | Mbabazane |
| Mvozane | Ilembe | Maphumulo |



**"UHulumeni wethu uzimisele ukuthi wenze ngcono imfundo yezingane zethu ngoba ikusasa lezwe lethu lilele kuzo lezi zingane."**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott




UNgqongqoshe ufikele esikoleni iNjula Combined eseyehlelwe yizinga lokuphumelela kwabafundi bebanga leshumi nambili (Grade 12) njengoba sithole ama-50% ngonyaka owedlule

# UNGQONQGOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO UNQUMELE IKHANSELA UGWAYI KATIKI

STHEMBISO SHANGASE

Ikomidi lomphakathi waku-Wadi 5, eHlalanathi, kuMasipala waseJozini ngaphansi koMkhanyakude enyakatho yesiFundazwe selinqunyelwe amasonto amabili ukuthi liqoqe futhi libuye nezimpendulo mayelana nokugqoza kwentuthuko kwezemigwaqo, amanzi, izindlu nezemfundo ezibukeka zifadalala emphakathini wakule ndawo.

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko, uNkk. Bongiwe uMaSithole-Moloi, unqumele ikomidi lomphakathi ugwayi katiki waphinda wasola ne-war room ka-Operation Sukuma Sakhe kule ndawo ngokungawenzisisi umsebenzi wayo nokuthi umphakathi usebumnyameni ngezentuthuko.

UMaSithole-Moloi ubethunywe kule wadi njengoba uhlelo lweSigungu Esiphezulu sikahulumeni esiholwa nguNdunankulu uMnu. Willies Mchunu kade sinkanise khona eMkhanyakude ekuqaleni kwenyanga esikuyo uNhlolanja.

UNgqongqoshe ufikele esikoleni iNjula Combined eseyehlelwe yizinga lokuphumelela kwabafundi bebanga leshumi nambili (Grade 12) njengoba sithole ama-50% ngonyaka owedlule sisuka kuma-56% ngonyaka wezi-2015.

Kumephule umoya uNgqongqoshe ukuzwa nanokuthi kunabafundi abathathu abakhuleliwe kulesi sikole ngonyaka owedlule, bonke abebenza ibanga leshumi nambili futhi bangaphumelela.

Abaphathi besikole babikele uNgqongqoshe ukuthi iningi lalaba bafundi abangaphumelelanga babuyile bazophinda.

Lokhu kwenza ibanga leshumi nambili libe nabafundi abacela ekhulwini ekubeni amagumbi okufundela engenele kulesi sikole.

Lesi sikole sasihlonzwe njengesikole okufanele sigxile kwezolimo ngoba sakhelene nepulazi lomphakathi iMakhathini Flats.

UMaSithole-Moloi wethembise ukusheshisa uhlelo lokwakha inkundla yezemidlalo kulesi sikole ukuze abafundi bakwazi ukubamba iqhaza kwezemidlalo kwazise nomnyango wakhe weZemidlalo usembhidlangweni wokuthi njalo ngolwesihlanu kugqugquzelwe ezemidlalo ngokugqoka nangokwenza.

UNgqongqoshe udlulele esikoleni samabanga aphansi iSethembiso esakhelene neNjula.

Ufike wathola ukuthi kunabafundi abafundela egunjini elilodwa kodwa bebebenza amabanga ehlukene, ngenxa yokungabi khona kwamagumbi enele okufundela.

Ube esebuyela ehholo lomphakathi eHlalanathi nokuyilapho ezwe khona uhide lwezikhalo.

Unxuse umphakathi ukuthi ufunde ukukhetha amakomidi axubile nangachemile ngokwazana okuthile kumbe ngokwendawo.

Uphinde wayalela amakomidi ukuthi asukume ayofuna izimpendulo zomphakathi abuye azobika esikhathini esingamasonto amabili.

Waphetha ngokuthi kungenjalo uzozifikela mathupha uNgqongqoshe weZokuthuthukiswa Komnotho, uMnuz. Sihle Zikalala.

UNgqongqoshe waphinda wavezela umphakathi ukuthi udaba lwamanzi luyalungiswa ngokombiko wekhansela nenkosi yakwaGumede endaweni njengoba izinkontilaka seziwuqalile umsebenzi.

Nokho-ke usole abaholi bomphakathi ngokungabiki.

Washaqeka ukuzwa ngomphakathi ukuthi kunamakhompyutha aduve esikoleni ekubeni yena wayetshelwe ukuthi awekho amakhompyutha okufundisa izingane ngesikhathi ehambele isikole iNjula.



**“Lesi sikole sasihlonzwe njengesikole okufanele sigxile kwezolimo ngoba sakhelene nepulazi lomphakathi iMakhathini Flats.”**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# SIYAFEZWA ISITHEMBISO SOKUGUQULWA KWEMPILO YABANTU YENZIWE NGCONO

**VUSI SHABALALA**

Kwakungulwesithathu lomhla zingama-30 kuLwezi wezi-2016 ngesikhathi 'ithimba lezokuxhumana' libhekisa amabombo elokishini eMadadeni e-Newcastle. Lena ngenye yezindawo ezingaphansi kukaMasipala weSifunda Amajuba esendaweni ecishe ibe ngamakhilomitha angama-20 uma uphuma e-Newcastle.

Ngokomlando waseNingizimu Afrika futhi ikakhulu ngesikhathi sobandlululo, 'ilokishi', kwakuyindawo eyayihlala abantu abamnyama (abantu abansundu, amaNdiya kanye namaKhaladi) ababehlala eduze nalapho kwakuhlala khona 'abantu abamhlophe kuphela'.

Ayakhiwe ngendlela ethi ayifane nendlela okwakhiwe ngayo amalokishi esihlala kuwo manje. Ingqalasizinda ivele ikuxoxele indaba edabukisayo. Imigwaqo yayingenatiyela futhi iwubhuqu, izindlu zokuhlala zazincane ngokwesakhiwo futhi kuminyene abantu abaningi kuzona kungekho kwagesi futhi engekho namapayipi ahambisa indle. Njengalokhu le ncazelo iya igxila engqondweni, ukwenanela kweminjunju yokuzidabukela nokucasuka kuya kukhula kithi.

Ngaphezu kwakho konke ukuhlukumezeka kwesikhathi esedlule, kumele siyithakasele inhloso yohlelo olubizwa nge-'Operation Sukuma Sakhe' njengoba sesibona imiphakathi eminingi isizakala kakhulu.

Uhambo lwethu lwasiholela emzini ongunombolo 565 eMgwaqeni uMahlangu eMadadeni ophethwe ngu-Rosalia Sesi Nkosi onamalungu angama-15.

Lapha sikhuluma ngomndeni onamalungu amaningi kakhulu kunendlu ahlala kuyo ewayo.

Ngesikhathi sihambele lo mndeni, ngaqaphela ukuthi kwakunezingane eziyisithupha (6), ezineminyaka ephakathi kwemine (4) kuya kweyi-19 ubudala ezisahamba isikole kusuka eBangeni R kuya kwelesi-9.

Okhulume egameni lomndeni usibikele ukuthi abanye abayisithupha (6) abasahlali nabo ngenxa yesimo esingesihle abahlala ngaphansi kwaso.

Ukugcizelelwa kokuthi siwuhlonze kanjani umndeni wakwaNkosi ukuthi yiwona ofanelwe wukuhlomula 'kwi-OSS' kwenze ukuthi umuntu athi ukubuka ngehlo elibanzi iqhaza elibanjwa yikhansela lendawo ekuphumeleliseni uthuthukiswa komphakathi. Ikhansela lendawo lingumholi womphakathi ngempela.

Njengomholi womphakathi, lowo muntu kumele alinganise ukuhlinzekwa kwezidingo zabantu aphinde agxile ekubhekeleni ukuthi uyenziwa umsebenzi womphakathi.

Ithimba elibhekele imiklamo yomnyango likanye nobuholi bomphakathi waseMadadeni lenza okungaphezu kokulindelekile ukwelekelela lo mndeni. Kwasuswa phansi indlu enamagumbi amabili okulala nekhishi, igumbi lokuphumula kanye nendlu yangasese engaphandle/indawo yokugezela kwaze kwaphothulwa.

Nansi imisebenzi eyenziwa, ukuthengwa kwempahla yokwakha kanye nokukhokhela abakhi okwadidiyelwa elibhekele imiklamo ngokubambisana nobuholi bomphakathi, ukuhlelenjwa komhlaba (kwasuswa izihlahla kanye namatshe ayephansi lapho kuzohanjwa khona), ukwakhiwa kwesisekelo sendlu, ukufakwa ukumiswa kwezinsika zendlu, ukufakwa kophahla olungama-tile, ukuxhunywa kwezintambo zikagesi, ukufakwa kwamapayipi okwelekelela (afakelwa ukuhlinzeka ngamanzi kanye nokuhambisa udoti kanye nalawo aletha ugesi), ukuvikelwa kwesakhiwo, ukushiselwa kwamapayipi, ukuqedelwa kwezindonga ngaphakathi/ nangaphandle, ukufakwa kwama-tile aphansi kanye neminye imisebenzi ukuze uphothulwe umsebenzi.

Uma ubheka inani lokudayiswa kwezindlu kulesi sikhathi, umsebenzi owenziwe kule ndlu ungalinganiselwa kuma-R 500 000.00. Kuyinto ejwayelekile ukuthi umholi womphakathi abe nekhono lokwakha ubudlelwane obuhle nazo zonke izinhlaka zomphakathi.

Okumqoka kakhulu kumuntu walolu hlobo wukuzibophezela kanye nokuzinikela ukuze abe ngummeli ekuxazululweni izinkinga zabantu abaholayo. Ngaphezu kwalokho umholi womphakathi kumele abe sekhaleni ukulwela izintshisekelo zabantu futhi akhuthaze ukubandakanyeka komphakathi ezinhlelweni zokuphathwa kahle kwendawo.

Ngaphezu kwakho konke, ukuhola umphakathi kumayelana nabantu ohlala nabo nabaseduze nawe. Akusikhona nje ukukhuluma ngezinqubomgomo, izinqubo kumbe imigomo. Okukhulu kunakho konke ukukthi kumayelana nabantu.

Singakubalula ngokungananazi ukuthi uMnyango Wemisebenzi Yomphakathi uyisisizinda sezokuthuthukiswa nokwakhiwa kwengqalasizinda esigabeni sezomnotho nezenhlalo, ikakhulu, eNingizimu Afrika njengalkhu iyizwe elisathuthuka. Inzuzo esobala ngokwakhiwa kwengqalasizinda wukuhlinzekwa kwamathuba omsebenzi, ukuba khona kwezikhungo ezikhulisa umnotho, ukuncishiswa kwezinga lobubha kanye nokwenziwa ngcono kwempilo. Ngakolunye uhlangothi, ukwentuleka kokwakhiwa kwengqalasizinda kuvamise ukudala izingqinamba ekukhuphuleni izinga lozinzo kanye nokulwa nobubha.



*Indlu entsha eyakhelwe abakwaNkosi kwanombolo 565 eMgwaqeni uMahlangu eMadadeni, e-Newcastle.* ***Isithombe:*** ***VUSI SHABALALA***

Ngakho-ke kumele sikuqonde ukuthi 'umnyango wezemisebenzi yomphakathi' ubandakanya ingqalasizinda engekahulumeni nesetshenziswa uhulumeni ngokunjalo nezakhiwo zomphakathi okungaba yizikole, izinkantolo, imitholampilo, izibhedlela, njll.

UMnyango Wemisebenzi Yomphakathi ubhekele impahla ebonakalayo esetshenziselwa ukunikezela ngezidingo emphakathini, ebandakanya ingqalasizinda kanye nemisebenzi eyenziwa nguhulumeni.

Okuyisimemezelo-ke ukuthi kubalulekile ukuthi zonke izakhamuzi zibe nokusebenzisana nohulumeni ekuthuthukiseni umphakathi ngendlela efanele nenempumelelo.

Kumele kugcinwe lokhu kusebenzisana ngokuthi bonke ababambiqhaza baqhubeke nokuzibophezela, ukuzinikela kanye nokubamba iqhaza ekufezekiseni imiphumela elindelekile.

IHhovisi lesifunda elise-Midlands, ngaphansi kobuholi bukaMqondisi Wesifunda, uMnu. Gcina Hadebe, esekwa yithimba lakhe elihlanganise amaSekela aBaqondisi kanye neziMenenja zeSifunda, babambe elikhulu iqhaza kulolu daba, namuhla sesingasho sithi 'bafeze isithembiso esenziwa' nguhulumeni sokuthi 'siguqula impilo yabantu ibe ngcono'.

> *"Singakubalula ngokungananazi ukuthi uMnyango Wemisebenzi Yomphakathi uyisisizinda sezokuthuthukiswa nokwakhiwa kwengqalasizinda esigabeni sezomnotho nezenhlalo, ikakhulu, eNingizimu Afrika njengalkhu iyizwe elisathuthuka."*



*Yindlu yangasese engaphandle nendawo yokugezela endlini engunombolo 565 eMgwaqeni uMahlangu eMadadeni e-Newcastle.* ***Isithombe:*** ***VUSI SHABALALA***



**"Ngokomlando waseNingizimu Afrika futhi ikakhulu ngesikhathi sobandlululo, 'ilokishi', kwakuyindawo eyayihlala abantu abamnyama (abantu abansundu, amaNdiya kanye namaKhaladi) ababehlala eduze nalapho kwakuhlala khona 'abantu abamhlophe kuphela."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

# LIBUYILE ITHEMBA NGENTUTHUKO OPHONDWENI

LONDIWE NGIDI NO MBUSO MFEKA

OwezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yase Makhaya awusalanga ngaphandle njengoba ube yingxenye yohlelo luka Hulumeni wesiFundazwe lokuhambela imiphakathi eyahlukene olwaziwa nge Operation Sukuma Sakhe lapho izakhamuzi zithola ithuba lokukhulama ngqo nabamele uHulumeni. UNqgonqgoshe walo mNyango uMnumzane uThemba Mthembu uhole ithimba elihambele indawo yasoPhondweni eJozini ukuzozwa isimo senhlalo yabantu kulendawo. Phakathi kwenye yezinhloso zaloluhlelo ukulwisana nendlala, uMthembu ufike wangena kaxa kulendawo njengoba iningi lezikhalo belibhekiswe ezintweni ezincike kwezolimo. Uhambo luka Ngqongqoshe lumfikise nethimba lakhe kwesinye sezikole endaweni esaziwa nge Mavela lapho efike wabuka isimo salesisikole waxoxisana ngezinselelo ababhekene nazo emsebenzini wabo, isimo sabafundi nesimo sesakhiwo. Phakathi kwezaluleko azidlulise kulesisikole kube ukubaluleka kokuthi abafundi bafunde bedle ngokwanele futhi kube ukudla okunomsoco nokuthi abafundi abazimisele ezifundweni zabo, wakhuthaza othisha ukuba baqhubeke nomsebenzi wabo noma ngabe izimo abasebenzela kuzona zibucayi kangakanani.

Ululeke abafundi nawo thisha ngokubaluleka kokuqala izingadi khona phakathi esikoleni. Uthe lokhu kungasiza kakhulu kuqinisekise ukuthi umfundi nomfundi udle ngokwanele kanti futhi kuphinde kukhuthaze ukusebenza ngomhlabathi.

Okunye aphinde waduduza ngakho umphakathi ukuthi uhulumeni uyasiqonda isimo lesiFunda esike sabhekana naso njengoba kuke kwaba nobhubhane lwezifo ezinhlobonhlobo ezibulale imfuyo, kwaphinde kwakubi kakhulu ngenxa yesomiso njengoba lesisiFunda sibe nesomiso kakhulu kunezinye bese kulandela uMzinyathi.

Unxuse umphakathi ukuba uzame ngayoyonke indlela ukugwema ukumosheka kwamamanzi uphinde uqinisekise ukuthi imfuyo yawo ithola ukunakekelwa ngendlela eyiyo njengokuyigoma ngesikhathi okuyiso nokuqinisekisa ukuthi ivikelekile zikhathi zonke, ingabi uvanzi. Umphakathi ukujabulele ukuzwa ukuthi ezinhlelweni zomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya nabo abasalanga ngaphandle njengoba uMvelase ememezele ukuthi ngokwezinhlelo ezikhona, umNyango uhlose ukuqala umsebenzi eMkhuze, lapho



*Abafundi base Mavela High School bathole ithuba lokuxoxisana noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yase Makhaya ngesikhathi kuhambele iKhabhinethi eJozini.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO TRINITY NDLOVU***

kuzobakhona isizinda sezolimo ngaphansi kohlelo lwama Agri Parks, kuphinde khona eJozini kuWard 9 kube nochungechunge lwezinhlelo zezolimo ezizothuthukisa umphakathi wakulendawo. Kubhekeke ukuba ngaloluhlelo lwe Agricultural Development Masterplan kungabi khona umuntu oshodayo ngokudla njengoba umNyango ubuyele ekusizeni imiphakathi kusukela emazingeni aphansi, ukhuphuke nabo. Phakathi kwenye izingqinamba umphakathi okhale ngazo kube ubugebengu, ezempilo, amanzi, ezemfundo njengoba kunesikole nje endaweni esaqala ukusebenza ngo 1915, okucacile ukuthi sekunesikhathi kumele ngabe sesalungiswa njengoba sesineminyaka engaphezu kwekhulu sabakhona.

Kuphinde kwavela kaningana ukuthi umphakathi uyazidinga izizinda zokucija amakhono ikakhulukazi kulabo asebeqede umatikuletsheni. Ukuqeqeshwa kwentsha kungenye yezinselelo ezinqala kulomphakathi njengoba abafundi baye baphoqeke ukuba bashiye amakhaya baye kwezinye izindawo ukuze baqhube izifundo zabo. Kukho konke abakudlulisile, uMvelase uqinisekise umphakathi ukuthi njengoba uHulumeni ehambele kulendawo uzizwile wazibonela izinselelo futhi uyazwelana nalomphakathi nezikhalazo zawo. Ube esechazela umphakathi ngendlela uhulumeni asebenza ngayo okwenza ngenxa yokungachazeleki kahle komphakathi kube sengathi izinto zihamba kancane kanti kudingeka ukuthi kwenziwe nombiko okuyiwo oletha isithombe esicacile ngesimo sendawo ebihanjelwe bese kuthathwa izinyathelo ezifanele.

Ube eseluleka imiphakathi ukuthi okwamanje ayiqale izame ukusungula amabhizinisi, uhulumeni uzimisele ukusiza lapho engasiza khona ekufukuleni imiphakathi entulayo ukuba ikwazi ukuziphilisa. Ukuhambela kweKhabhinethi Ophondweni kukhombise ngokucacile ukuthi uhulumeni indawo yase Mkhanyakude ingenye yezindawo azibheke ngeso lokhozi kuyoyonke imikhakha yentuthuko.

"Lokhu kufika kwethu lapha njengezithunywa zikaHulumeni sizokhombisa ukuthi sinani kuzozonke izingqinamba enibhekene nazo, futhi uhulumeni uzimisele ukwenza izimpilo zabantu zibengcono" kuchaza uMthembu.

# Udlela ogageni umphakathi ngenxa yezigilamkhuba ezibulala izimbongolo

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

Zidla lubi izinswelaboya ezeba ziphinde zibulale izimbongolo esiFundazweni ngenhloso yokuzihlinza isikhumba okusolakala ukuthi zisidayisela amazwe afana ne-China. Kushintsha ukwenza ke manje esiFundazweni, phambilini bekuntshontshwa izinkomo manje sekushintshile njengoba sekungenelwe izimbongolo, isihlava sokuntshontshwa kwemfuyo sesiqale phansi futhi.

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN usunxuse ukusebenzisana nezinhlangano ezibhekelele ukuvikelwa kwezilwane ngokunjalo nezinhlaka ezehlukene emiphakathini okubandakanya nobuHoli boMdabu ukunqanda lesi sihlava sokubulawa kwezimbongolo ngalolu hlobo. Abasolwa ababili abangabokudabuka eLesotho bavele kafushane enkantolo ngezinsolo ezeyemene nokubulawa kwezimbongolo ezingama 35 eTwin Springs emngceleni owehlukanisa isiFundazwe iKwaZulu-Natali neLesotho nokungacaci noma lezi ezitholakele ziyingxenye yini yalezi eziyikhulu okubikwa ukuthi zinyamalele eziFundazweni.

UmNyango uyakuthokozela ukuthi labasolwa banqatshelwe ibheyili. UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi, uMnuz Themba Mthembu, uthe bakhathazeke kakhulu ngalo mkhuba obhebhethekisa okomlilo wequbula esiFundazweni, lomkhuba usuke wenzeka nase Sifundazweni iNorth West.

Uthe bayawunxusa umphakathi ukuba ungasongi izandla lapho ubona kwenzeka izinto ezifana nalezi, wagqugquzela ukuthi uqaphe ngelokhozi bese ubika emaphoyiseni ze baboshwe abenzi bobubi. Uphinde wachaza ukuthi lokhu yicala elibucayi njengoba lithinta ukuntshontsha kanye nokulimaza nesinye isikhathi nokubulala ngesihluku.

"Kubalulekile ukuba umphakathi ubemehlomane uphinde ubikele amaphoyisa ngezigameko ezifana nalezi ukuze ziboshwe izigilamkhuba nokuyindlela elula ekutheni sikwazi ukunqanda lesi sihlava. Sizohambela imiphakathi efuye lezilwane siphinde sisebenzisane nezinhlangano zezilwane nokubandakanya i-Society for the Prevention of Cruelty to Animals (SPCA) kuZwelonke, amaKhosi kanye nabo bonke ubuholi bomphakathi", kusho uMthembu.

UMnu uMthembu uqhube ngokuthi kunezigameko lapho bekutholakala khona ezinye zingqasha okusho ngokusobala ukuthi zihlinzwe zingafile nokuyinto ayichaze njengesihluku esesabekayo sokuzwisa isilwane ubuhlungu bokuhlinzwa isikhumba sibe siphila.

Ukubeke kwacaca ukuthi njengomNyango sifisa zithole isigwebo esiqinile izigilamkhuba ze kube yisifundo nakwabanye ngoba lokhu kungubugebengu bokweba imfuyo ngenhloso yokushushumbisa lezi zikhumba.

"Siyayiqonda indima nokubaluleka kwezimbongolo emiphakathini yasemakhaya njengoba zibuye zisetshenziselwe ukulima, ukuthwala imithwalo nokunye okuningi. Ngakho-ke sizokwenza konke okusemandleni ukulwisana nalo mkhuba ngokubambisana nezinhlaka ezifanele emiphakathini eyakhele lesi siFundazwe" kuphetha uMthembu. Kuyavela ukuthi lo mkhuba awuhlasele nje kuphela isiFundazwe saKwaZulu-Natali kodwa ezingxenyeni eziningi zezwe kukhalwa esifanayo.

Nakuba kunjalo, kubikwa ukuthi izinga lalo mkhuba lenyuka ngesivinini esikhulu kulesi siFundazwe njengoba konke lokhu kwenzeke-nje esikhathini esilinganiselwa emasontweni amabili. Ngokwemibiko equbukayo, kubikwa ukuthi lezi zikhumba zisetshenziselwa ukwenza imishanguzo ethile elekelela abesifazane asebekhulile ekuvuseleleni imizwa nenzalo.

UmNyango ubheke phambili ekusebenzisaneni namaphoyisa ekuboshweni kwezigcwelegcwele ezeba lemfuyo.

Ngakho-ke umNyango uyanxusa futhi uyagqugquzela emiphakathini ukubikwa kwalezizehlakalo zokubulawa kwezimbongolo ngalolu hlobo, uphinde uhambi noma iluphi ulwazi olukhona olungaholela ekubanjweni kwalezigilamkhuba.

## ISEXWAYISO NGESITHOMBE



*Enye yezimbongolo ezitholakale ngasemngceleni wakuleli ne Lesotho sezihlibulwe isikhumba izigilamkhuba zashiywa ziphila zingasenasikhumba.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO TRINITY NDLOVU***



"Lokhu kufika kwethu lapha njengezithunywa zikaHulumeni sizokhombisa ukuthi sinani kuzozonke izingqinamba enibhekene nazo, futhi uhulumeni uzimisele ukwenza izimpilo zabantu zibengcono."

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# OWEZOLIMO USAZOQHUBEKA NOKUSEBENZISANA NEZINHLAKA EZAHLUKENE EMPHAKATHINI UKUQINISEKISA UKUBA KHONA KOKUDLA

**MFEKA MFEKA**

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya phakathi kwemisebenzi eminingi obhekene nayo unikwe ijoka elinzima lokuqinisekisa ubukhona bokudla emindenini emazingeni ehlukene kulesisiFundazwe.

Ngalokhu umNyango uhleze ucubungula izindlela ezingcono zokusebenza njengoba muva nje ubuyekeze izindlela osebenza ngazo wabe usuqhamuka neqhinga lakamuva elibheke kakhulu ukuthi kuncishiswe indlala emakhaya, ngaphambi kokuba kudlulelwe kwamanye amazinga.

Lokhu akuchazi ukuthi umNyango udikibalisa imiphakathi efuna ukungena ebhizinisini lezolimo, kusazoqhutshekwa kusetshenziswane nezinhlaka ezifana nemifelandawonye nezinye zemiphakathi esebenza ngokubambisana. Sekubonakele ukuthi kubalula kakhulu kuhulumeni ukusebenza nemiphakathi ezihlelile yahlangana ngombono nomqondo munye ekwenzeni umsebenzi. Eminyakeni edlule umNyango ubugxile kakhulu ekunikezeleni usizo kumalunga omphakathi ekutheni asebenzisana ukutshala izingadi ngokuhlanganyela ukuze bakwazi ukondla imindeni yabo, emva kwalokho bese okusalile kube kubalimi ukuthi bayakudayisa na.

Ngokubona ukubaluleka kokubakhona kokudla kusukela ezingeni lasemakhaya, umNyango waphuma umkhankaso wesiFundazwe sonke lapho imindeni ifundisiwe yaphinde yasizwa ngokusungula izivande emakhaya, ngalokhu umNyango ufuna ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uba nokudla ekhaya ngaphambi kokuba kuqalwe ukudayisa nokwenza okunye ngomkhiqizo. Njengamanje umNyango usuphinde wagxila kakhulu kulombobo njengoba phambilini. Loluhlelo Iwasabalala nesiFundazwe Iwasiza imindeni engaphezu kuka 500 000, kwaphinde kwaqeqeshwa imindeni engaphezulu kuka 40000 kwezolimo. Uhlelo Iwakamuva lokusebenza luzosebenzisana nezinhlaka ezifana nezikole, lokhu ngaphandle nje kokuqinisekisa ukubakhona kokudla ezingadini zezikole kepha kuzophinde kutshale nothando Iwezolimo kubafundi. UmNyango uzophinde uqinisekise ukudluliselwa kolwazi kubalimi ngokunikezela uqeqesho olufushane okusezingeni olwamukelekile. Khona kwezokuqeqesha lapha umNyango uzophinde usebenzisane namazinga aphezulu ezemfundo njengezikhungo eziqeqesha ngezamakhono. Phezu kokutshalwa kwemifino nokunye umNyango ubone isidingo esikhulu sokwazisa nokukhuthaza ngokutshalwa kwezihlahla ezikhiqiza izithelo emakhaya nasezindaweni zomphakathi.

Ukusebenziswe nemiphakathi esebenza ezindaweni ezinkulu kulinywa ngokuhlanganyela umNyango usuqalile ukubuyekeza uhlelo Iwawo gandaganda njengoba sekube kwakhishwa abayishumi nanye ngesikhathi kubangazwa ukwethasa kwehlobo nyakenye ukusiza abalimi ezindaweni ezinkulu.

Kuzophindwe kuqinisekiswe ubukhona bezindawo zokukhulisa izithombo ukuze kubelula ukuzithola ngaphandle kokusebenzisa imali ziyothengwa ezindaweni ezizimele.

UmNyango ubheke nasohlelweni lokusiza abalimi ngesikhathi sokuvuna nasemva kwakho.

Kuzophinde kuqiniswe uhlelo Iwezemfuyo oluzoqinisekisa inzuzo kubafuyi kuphinde kubenokusebenzisana nomasipala ekuqinisekiseni ukuthi bonke abakhele lesisiFundazwe banezinkambi ukugcina imfuyo ingasabalali namaqele.

Sekubonakele ukuthi intsha kanye nabesifazane badlala indima enkulu ekutshaleni kanye nasekwenziweni kwemikhiqizo eyahlukene kwezolimo, ngalokhu ukubathuthukisa nokuxhaswa kwemisebenzi yabo enye yezinhlelo eziseqhulwini lomNyango. Kuzophindwe kubhekelelwe ukuqeqeshwa kabanzi kwalabo abeneziqu nalabo abafundela ezolimo ezikhungweni zamakhono. umNyango uzoqhubeka nokubamba izingqungquthela nezinhlaka ezahlukene kwezolimo ukuxoxisana ngamathuba embonini nokwenza ezolimo zibengcono kulesisiFundazwe.

Izindawo zasemakhaya kuyakhuthazwa ukusebenzisana ngokuhlanganyela kuzona, ukuze uhlelo Iwezizinda zezolimo ezaziwa ngama Agri Parks ezikhuthaza ukusebenza ndawonye kwabalimi zizothela izithelo emiphakathini ebambe iqhaza kuloluhlelo olungagcine selufake abalimi ezimakathe emva kokuba sebedlile bona nemindeni yabo. UmNyango njengoba uhleze umema ugqugquzela abalimi ukuba bazihlele, kubukeka kuyiso impela isikhathi sokukwenza lokhu njengoba umNyango usuqalile nokusebenzisana nezinhlangano zezolimo kanye nobuholi obehlukene emphakathini.

Ukuqinisekisa isivuno esisezingeni, umNyango usebenzela ekukhuphuleni izinga ocwaningweni nasekusebenziseni ubuchwepheshe bakamuva obuqinisekisa isivumo esihle nesizingeni. Ukuhlela komNyango ukusebenza kwawo nokubuyekeza izindlela zokusebenza kukhombisa ngokusobala ukuzinikela ekusebenzisaneni nazozonke izinhlelo kanye nokuthuthukisa ezolimo kuwowonke amazinga ezolimo.



*Izithangami ezifana nalezi ezinika umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya umhlahlandlela wokwenza ezolimo nentuthuko yasemakhaya kangcono.* ***Isithombe: MBUYISELO TRINITY NDLOVU***

# Kuthuthukile ukwelashwa kwezilwane ezifuywayo nokulwa namarabi e-KZN

**SIMPHIWE NDWANDWE**

**IGALELO** lomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni lizwakele ezindaweni ebezihaqwe ngamarabi njengalokhu kungekho zigameko ezibikiwe kusukela kwaba nezehlakalo zokufa kwabantu eThekwini eminyakeni emihlanu edlule. Ukuqiniswa kwemikhankaso yokulwa nalesi sifo esashiya kukhalwa ezingxenyeni ezahlukene esiFundazweni eminyakeni edlule kukhiqize imiphumela emihle njengoba manje kusathe nya ukubheduka kwalesi sifo, kumbhisa ukuqina kwemikhankaso eqhutshwe umNyango ukulwisana namarabi. UDokotela Cameron Kotwana, womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uthe okunye okwenze ukuba kukwazeke ukulwa namarabi nezinye izifo ezihlasela izilwane ezifuywayo kube wukwethulwa kohlelo lwemitholampilo engomahambanendlwana.

Le mitholampilo ehambayo itholakale emNyangweni kaZwelonke wezoLimo, AmaHlathi nokuDoba, ngaphansi kohlelo lokusiza imiphakathi ngokwelashwa kwezilwane zasekhaya olubizwa ngokuthi Community Veterinary Services. Kanti loluhlelo lushayelwa yiziFundazwe ngazodwana kodwa izinsiza kusebenza zitholakala kuHulumeni kaZwelonke. Ukunqotshwa kwamarabi kukhombisa ukuthi isiFundazwe saKwaZulu-Natali, ngalomNyango, silwemukele ngokukhulu ukuzimisela loluhlelo.

UDokotela Kotwana uthe banikezwa iloli elikhulu elakhelwe ubuchwepheshe obuseqophelweni eliphezulu njengalokhu ngaphakathi kunegumbi lokuhlinza imfuyo elimeleyo negulayo.

Liphinde libe nesikhulisa mazwi esinjongo yaso ukuhlaba umkhosi emiphakathini uma kuyiwe kuyo ngenhloso yokuzosiza abadinga usizo. Ngaphandle kweloli kunezimoto ezingama-ambulensi eziyisithupha nazo ezingomahambanendlwana ezisetshenziswa ngodokotela bemfuyo uma behambele imiphakathi engaphansi komasipala abehlukene esiFundazweni. Uthe ukwakhiwa kwemitholampilo yezilwane emihlanu eyakhiwe emadolobheni angaphansi kweziFunda zaseKZN kulethe usizo olukhulu kubafuyi bezilwane. Izindawo okwakhiwe kuzo imitholampilo yisoLundi, eNyangwini, eMnambithi, eMpangeni naseMzimkhulu.

Yile mizamo eyenze ukuba kwehle ngendlela emangalisayo ukubheduka kwezifo ezihlasela izilwane ezifuywayo.

"Sijabule kakhulu nangendlela abantu abasabele ngayo njengoba sibasiza ngezilwane zabo. Njalo uma sihambele izindawo siyaqaphela ukuthi isibalo sabafikayo siyanda njalo nje.

Asingabazi ukuthi uma abafuyi bezinja namakati bengaphuma ngaso sonke isikhathi lapho senza imigomo ngeke saba nayo inkinga yamarabi ngomuso," kusho uDkt Kotwana. "Sijovela ukuvikela amarabi nezinye izifo kuhlanganisa nokubulala izikelemu. Uma siphumile senza okungenani izinja ezingu-120 ngehlandla esifike ngalo okuba yizinsuku eziyisithupha. Sibe sesishiya udokotela obe esesala esiza umphakathi. Umgomo abekelwe wona ngowokusiza okungenani izinja eziyishumi ngesonto kodwa angaqhubeka enze nezinye izilwane njengamahhashi nokunye,"kugcizelela uDkt Kotwana. Umsebenzi wabo awugxilile ezinjeni namakati nje kuphela njengalokhu besiza behlenga amahhashi nezinye izilwane.Indawo akhuthaze ukuba ihlale iqwashile yisiFunda iTheku njengalokhu sinezinja eziningi uma kuqhathaniswa nezinye izindawo.

Lokhu uthe kudalwa ukuthi iTheku linabantu abaningi abazinze kulo ngenxa yamatoho. Uthe abantu basuka nezinja emakhaya bazohlala nazo emadolobheni bese isibalo sanda ngaleyo ndlela. Emkhankasweni wokugoma uthe banomgomo wokuthi okungenani bagome izinja ezingaphezulu kwamaphesenti angu 70 esibalweni sazo zonke izinja ezikhona esiFundazweni.

Kanti ukusebenza kwabo kulawulwa ukuthi singakuphi isibalo esikhulu sezinja bese kufakwa umfutho kakhulu lapho.

EThekwini izinja ziningi kakhulu eFolweni, kwaNdengezi naseNtuzuma.

Njengoba phambilini kuke kwanda izinja eziwuvanzi ezazihlala endle zihlasela abantu, ikakhulukazi eNtshanga, uthe umkhankaso wokuba ziqedwe ngokusebenzisa nezinhlangano zomphakathi njenge Society for the Prevention of Cruelty to Animals (SPCA) waba yimpumelelo. "Uma kunomuntu osola ukuthi isilwane sakhe sinenkinga kumele athintane nehhovisi lezoLimo esiFundeni akuso khona ezothola usizo.

Abafuyi kudingeka basondelane eduze futhi babe nemininingwane yabeluleki ukuze kuqalwe lapho ngaphambi kokuba kudlulelwe kudokotela wezilwane,"kusho uDkt Kotwana. Zonke lezi zinsiza zitholakala mahhala emNyangweni.




*Imitholampilo engo mahambanendlwana enobuchwepheshe bakamuva obudingeka obusetshenziswa ukulwisana nezifo ezahluke ezilwaneni.*
**Isithombe: MBUYISELO TRINITY NDLOVU**

# UKUPHEPHA ESIKOLENI NGUMSEBENZI WETHU SONKE - KAUNDA

**Kuyihlazo lokhu okubikwe eMjindi ukuthi kunabantu abakwazi ukungena bantshontshe impahla yesikole okukhona nezingodo zocingo olubiye isikole.**

**MABUYI MKARRY**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu uMxolisi Kaunda uhlabe ikhwela lokuthi kube nokubambisana komphakathi nezikole ukuze kuqinisekiswe ukuphepha kwempahla yesikole.

UKaunda ukusho lokhu ngesikhathi ehambele izikole iMjindi High neNtenga Primary ku-Ward 6 endaweni yaseJozini ngaphansi kwesiFunda uMkhanyakude.

Lokhu bekuyingxenye yohlelo lukaHulumeni wesifundazwe u-"Operation Sukuma Sakhe."

UMphathiswa uthe kuba nzima ukuthi izikole zithole ingqalasizinda noma izinsiza zokufunda uma umphakathi kuzoba yiwona ocekela phansi lokho okukhona.

"Kuyihlazo lokhu okubikwe eMjindi ukuthi kunabantu abakwazi ukungena bantshontshe impahla yesikole okukhona nezingodo zocingo olubiye isikole.

"Ngisho singaba naye unogada esikoleni, kodwa ekugcineni isikole siyimpahla yomphakathi okumele kube yiwona oyivikelayo. Othisha badinga ukusebenza endaweni ephephile," kusho uKaunda.

Uphinde wahlaba ikhwela nakosomabhizinisi ikakhulukazi labo abathola izinkontileka zokwakha imigwaqo kuhulumeni, ukuba babuyisele emiphakathini ngokunikela ngezinsiza zokufunda isayensi.

"Lokhu kuzokwenza kube lula ukuphumelela kubafundi ngoba bazobe befunda ngezinto abazibonayo," kusho uKaunda.

IMjingi High School ingesinye sezikole zasemakhaya ezenze kahle kakhulu kwimiphumela kamatikuletsheni wonyaka odlule.

Sisuke ku- 61,64% ngonyaka ka-2015 saya ku-80.54% ngo-2016.

Uthishanhloko wesikole, uMnu Eric Mbuyazi uthe uyazigqaja kakhulu ngendlela abafundi abasebenze ngayo kulo nyaka odlule. "Abafundi bami bakhombise ukuzimisela ngendlela edlulele njengoba imiphumela yeMaths neyeHistory ibe ngaphezu kuka 70%. Imiphumela ye-Life Science yona yaba ngu-97,18% no-distinction abahlanu.

Kuyajabulisa ukuthi yize kunezinselelo esisebenza ngaphansi kwazo kodwa abafundi bakhombise ukuzikhandla ngendlela emangalisayo," kubeka uMbuyazi.



*UMphathiswa uMnu uMxolisi Kaunda ngesikhathi ekhuluma nomphakathi waseJozini, eMkhanyakude ngaphansi kohlelo lukaHulumeni u-"Operation Sukuma Sakhe".*

# IHhovisi leSifunda uMzinyathi: Lihamba phambili ezinguqukweni zezenhlalo

**VUSI SHABALALA**

Uguquko kwezenhlalo ngokujwayelekile lwenzeka lapho umphakathi unesidingo esikhulu sentuthuko. Kubalulekile ukufunda lo mbhalo ukuze siqonde ukuthi iHhovisi LoMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi esifundeni uMzinyathi liphumelele kanjani ekuletheni uguquko emphakathini eliwusebenzelayo.

Ekuqaleni kowezi-2016, abaphathi beSifunda uMzinyathi abaholwa nguMnu. Dumisani Mqadi onguMqondisi weSifunda yibona abahamba phambili ekwakheni ubudlelwano okuhloswe ngabo ukuhlanganisa amalungu omphakathi kulokhu afisa ukukuzuza, ukuzazi kanye nokuba babe yinto eyodwa okuholela ekwakhekeni komphakathi. Izinto ezinhlobonhlobo zingaholela ekwakhiweni komphakathi okuyilezi: ukuqhuba ezolimo ngokuhlanganyela; amaqembu okufunda, imigubho namadili, imiklamo yezobuciko, kanye nezinkontileka zomphakathi ngokunjalo nemiklamo yezolimo.

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi usubambe iqhaza elibonakalayo ekuthuthukisweni komphakathi ngokusebenzisa izinhlelo nezinhlaka zokweseka ezahlukahlekene.

Lolu hlelo lwaziwa ngokuthi yi-Operation Sukuma Sakhe (OSS) okuchaza ukuthi 'sukuma wakhe'. Lena yinhlabamkhosi kubantu baKwaZulu Natali ukuba bazinikele ekunqobeni izinkinga esezibhubhise imiphakathi okungububha, ukungasebenzi, ubugebengu, izidakamizwa, i-HIV ne-AIDS, i-TB kanye nezinye izinkinga ezikhungethe umphakathi. Kulo mbiko, sibika ngomndeni wakwaZwane umuntu angawuchaza ngokuthi nje uhlwempu nothathwa njengohlupheka kunayo yonke eminye ehluphekayo emphakathi wase-Glencoe. Lo mndeni unamalungu ayi-12 kanti uphethwe uNksz. Zwane ohlala e-184 Khelani Street kuWadi 3 e-Glencoe.

I-Glencoe isesiFundeni uMzinyathi KwaZulu Natali kanti umnotho wakhona izimayini zamalahle kanye nokufuywa kwezimvu nezinkomo. Ithimba lesifunda lahambela lo muzi ngenhloso yokuzohlola ukwakhiwa kwawo, nokuyilapho kwenziwa ukuhlolwa okujulile kwale ndlu.

Ekuqaleni, le ndlu yayinamagumbi amabili nokuyisimo esasenza kubenzima ukuba imumathe umndeni onabantu abayi-12.

Ithimba elalizohlola lo muzi lahlonza lezi zinto ezilandelayo ukuthi zilungiswe ngokuphuthumayo: ukuklayeka kwezindonga ngaphandle nangaphakathi; uphahla olunethayo, ukuklayeka phansi; amafastela angenamagilasi; indlu yangasese esindla kakhulu. Akekho umuntu ophilayo ofanelwe ukuhlala phansi kwezimo ezinjena.

Kweziwa lezi zincomo ezilandelayo kubaphathi ukuze kulungiswe lesi simo ngokufanele: ukwakhiwa kwamagumbi amabili okwengeza ingumbi lokugeza elionendlu yangasese nobhavu wokusha; ukufakwa kweminyango ehluthulelwayo kanye namafasitela anamagilasi; ukulungiswa kwephansi lendlu kuphinde kuphulasitelwe izindonga ngaphandle; ukupendwa kwendlu yonke. Emva kokuba izikhulu sezithathe isinqumo, nansi inqubekelaphambili eyenzeka: ukusebenzisana phakathi kwehhovisi lomnyango lesifunda kanye noMasipala uMzinyathi kwaholela ekuthengweni kwezinto zokwakha okungusemende, amabhloksi kasemende, iminyango nokhiye bayo.

Ngaphezu kwalokho, kwasetshenziswa izinto zokwakha, okungothayela bokufulela kanye namapulangwe, ezaziduve ezikoleni zakulesi sifunda.

Kwasetshenziswa abantu beSifunda uMzinyathi abakufundele ukubeka izitini, ukushayela amapulangwe, ukupenda kanye nokufaka amapayipi ukuqedela le ndlu.

Kumele sikuveze ukuthi ukufakwa kwamapayipi endle kwenziwe ngendlela efanele kule ndlu.

Ukwakhiwa kwale ndlu yase-Glencoe enamagumbi amahlanu kwaba yimpumelelo.

Lo mndeni manje usuphila impilo ehloniphekile efiswa yiwo wonke umuntu walapha eNingizimu Afrika. Ngempela lokhu kungukuqopheka komlando kulo mndeni kanti futhi kungusemsebenzi omuhle oyohlala ukhona owenziwa yilo hulumeni obusayo njengamanje.

Ukusebenzisana kwalolu hlobo kuhloswe ngakho ukwenza ngcono izimpilo zabantu emphakathini ngokuhlomisa ngamandla izakhumuzi, izinhlangano ukuze zihlonze izinto okumele zibekwe eqhulwini kanye namathuba kanye nokusebenza umuntu ngamunye nangokuhlanganyela, ukuqinisa ubudlelwano obuhle komakhekhlwane kanye/ noma uguquko emphakathini. Masilawulwe yimigomo "yokukwakhiwa kwesizwe" ethi akekho umuntu oyinkomo edla iyodla.

Ngakho siyayincoma imisebenzi kahulumeni lapha KwaZulu Natali yokwenza izimpilo zabantu zibe ngcono ngomkhankaso owaziwa nge-Operation Sukuma Sakhe.

Nokho-ke, abantu abafana noMnu. Mqadi kanye nabanye abaholi bomphakathi kufanele bachonywe uphaphe lwegwalagwala.



**"Kuba nzima ukuthi izikole zithole ingqalasizinda noma izinsiza zokufunda uma umphakathi kuzoba yiwona ocekela phansi lokho okukhona."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# OWEZEMFUNDO USABALALISA IMISUBELA EZIKOLENI

**NOMPUMELELO GASA**

UMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natali ngaphansi kobuholi buka Mphathiswa uMthandeni Dlungwana uqhamuke nohlelo lokusabalalisa imisubela ezikoleni ezinabantwana abahlwempu. Loluhlelo oluthakaselwe kakhulu eNingizimu Africa yonkana luthulwe ngokusemthethweni eStanger, mhlaka 11 November 2016.

UDlungwana uqhamuke naloluhlelo ngenhloso yokuhlangabezana nabafundi abanezingqinamba zokuthenga imisubela ngenxa yokweswela.

Ucwaningo luveza ukuthi baningi abafundi abangaphumeleli ukuya esikoleni izinsuku ezine njalo ngenyanga ngoba bengakwazi ukuthenga imisubela.

Lolu cwaningo luphinde lwaveza ukuthi abafundi bagcina sebezibandakanya nezenzo ezingezinhle okufana nokuba nobudlelwane nabantu abadala ngoba befuna ukuthi babaphe imali nokugcina kuholele ekumitheni kwabafundi besabacane.

UMphathiswa lumthintile kakhulu loludaba lwabafundi abaze beqiwe izifundo ngenxa yokweswela imisubela ingakho ebone kungcono ukuba asize labafundi abaswele. "Kungikhathaze kakhulu ukuzwa ukuthi liphezulu inani labafundi abangakwazi ukufinyelela ezikoleni izinsuku ezine enyangeni ngenxa yokuswela imisubela.

Ingakho uMnyango uzibophezele ukulekelela labafundi ukuze nabo bafane nabanye abafundi ngoba ukuphutha esikoleni usuku ululodwa kuba nomthelela omkhulu ekungenzeni kahle komfundi, angiphathi uma sezize zibe zine izinsuku kusho ukuthi labafundi basalela kakhulu ezifundweni zabo.

Ingakho siwuMnyango sibeke eceleni imali engango 20 million ukubhekelela ngqo loluhlelo lokuthengwa kanye nokusabalalisa imisubela ezikoleni. UMphathiswa uthe kulonyakamli ozoqala.

Bazoqinisekisa ukuthi lesamba siyanyuka kakhulu ukuze kusizakale abafundi abaningi.

Loluhlelo olubonakal luthakaselwa kakhulu luzolekelela futhi luqinisekise ukuthi abantwana besifazane ngeke baphuthe esikoleni ngenxa yokuswela imisubela, futhi nabo bazozwa benesithunzi njengabanye ozakwabo. UThabisile Zondi ongomunye wabafundi abazohlomula kuloluhlelo ukubeke kwacaca ukuthi bekumlimaza kakhulu ezifundweni ukungakwazi ukuphumelela esikoleni izinsuku ezine njalo ngenyanga ngenxa yokuswela imisubela.

"Siyabonga kakhulu kuMnyango wezeMfundo ngokusicabangela ukusithengela imisubela, lokhu kusho lukhulu kuthina esingakwazi ukuzithengela ngenxa yokuswela kwabazali bethu. Loluhlelo luzokwazi ukuthi nathi sifane nabobonke abafundi futhi sikwazi nokuzithemba ngoba ugcina usuzinyeza uzibona uhlukile kwabanye abafundi," kubeka uThabsile. UMphathiswa unxuse ukuthi othisha babe yiso ekunikezelweni kwabafundi abaswele ezikoleni, bagweme ukuwasebenzisa ngendlela engafanele. "Nginxusa othisha ukuthi bawamukezele ngendlela kulabo bafundi abaswele, kungabi yibo abazokwenza okuphambene ngoba bephathisiwe. Abafundi abazokhokha ngisho isenti ukuthola lemisubela ngakho akekho noyedwa umuntu ovumelekile ukuthi awadayise, ongenza loko angazithola ebhekana nengalo yomthetho," kuphetha uDlungwana.



*UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane enikela ngemisubela kubafundi.* ***Isithombe:*** ***SIBANI NGOBESE***

# Wamukelwe ngesasasa uNgqongqoshe wezemfundo kwashukela

**MBALI ZULU**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natali U Mthandeni Dlungwana uhambele umphakathi wakwa Shukela kwisiFunda sase Mkhanyakude ngomhlaka 01 kuNhlolanja 2017 ngaphansi kohlelo luka Oparation Sukuma Sakhe oluholwa uNdunankulu wesiFundazwe, u Willies Mchunu.

UMphathiswa ubehamba nethimba eliphuma ezinhlakeni zonke ezahlukekene kuhulumeni.

Loluhambo luqale ngokuvakashela izikole ezakhele lesisigodi sakwShukela.

Uqale ngokuvakashela kwa Shukela Primary School, kwisikole esinengqala sizinda enhle esezingeni eliphezulu, nothisha bekhona esikoleni bekulungele ukufunda nokufundisa njengoba izikole sezinenyanga zivuliwe.

UDlungwane ube esedlulela ePhumlani High School nalapho ufike wagcizelela ukubaluleka kwemfundo nokuzinekela emsebenzini wokufunda nokufundisa njengoba lesisikole singenzanga kahle ngonyaka ophelile.




*UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane.* ***Isithombe:*** ***SIBANI NGOBESE***

Naso lesikole sinengqalasizinda enhle futhi sivulwe ngokusemthethweni ngonyaka odlule.

UMphathiswa ube esephuma eseyohlangana nomphakathi wonke obuphume ngobuningi bawo ehholo lomphakathi lapho umphakathi ube nethuba elihle lokuxoxa noMphathiswa umlomo nomlomo bethula zonke izidingo zabo nezingqinamba ababhekene nazo imihla ngemihla endaweni abayakhele.

"Siyabonga ku Ndunankulu okuyena osithumile ukuba siphume sonke siye emphakathini silethe intuthuko emphakathini.

UMongameli J.G Zuma wakuveza ukuthi imfundo ibalulekile wayibeka yaba seqhulwini ingakho namhlanje ngithathe ithuba ngavakashela izikole ngenhloso yokuyobheka umsebenzi ukuthu uyaqhubeka ngendlela okumele uhambe ngayo.

Ngifisa ukunicela mphakathi wakwa Shukela ukuba niziphathe kahle izikole ngoba ezenu nibe nesikhwele ngazo ningavumeli ukuba izinswelaboya zimoshe izikole zenu.

Ngiphinde ngathatha isinqumo sokuthi kube khona uhlelo lokuhambisa amaqakelo ukuze amantombazane angaphuthi esikoleni ngenxa yemvelo ngoba siphuma kumakhaya angafani," kubeka uMphathiswa.

Ephetha enkulumeni yakhe uNgqongqoshe ugcizelele ukuthi abazali abazibandakanye emfundweni yezingane bazi ukuthi kuqhubekani ezinganeni zabo baye esikoleni ukuyobheka umsebenzi wabantwana babo.

Ube esegcizelela nokubaluleka kokuzivocavoca ukuthi kuyamenza umfundi aphumelele ngoba inqondo yakhe iyakhululeka uma ezivocavoca umfundi.

> *"Nginxusa othisha ukuthi bawamukezele ngendlela kulabo bafundi abaswele, kungabi yibo abazokwenza okuphambene ngoba bephathisiwe."*



# UBAMBE EZAKHE NAYE UNGQONGQOSHE PILLAY NGENKATHI KUVULWA IZIKOLE NGOWEZI- 2017

**MELBA NZIMANDE**



(Kwesokudla)uMhlonishwa uNgqongqoshe  Ravi Pillay (Wezemisebenzi Yomphakathi kanye Nezokuhlaliswa Kwabantu), phakathi nendawo (uMnu Sibisi onguMqondis eMnyangweni Wezemfundo esifundeni i-Harry Gwala, ,Kwesokunxele iMeya yesiFunda i-Harry Gwala uMnu Ndobe bevakashela amagumbi okufundela eTshaka Senio Primary school ukuqinisekisa izinga lokufunda kusukela ngosuku lokuqala. **Isithombe: SIBONGILE DLANGALALA**

Ngenkathi izinkulungwane zabafundi zithutheleka ezikoleni ezweni lonke mhla ziyi-11 kuMasingana wezi-2017, uNgqongqoshe Ravi Pillay naye akazibekanga phansi wavakashela izikole ezahlukahlukene esifundeni i-Harry Gwala eyokwamukela abafundi futhi eyoxoxa nothisha nabazali ngesimo sokulungela kwezingane zabo unyaka wokufunda wezi-2017. UNgqongqoshe uPillay uvakashele izikole eziyisikhombisa kusuka ngomhla ziyi- 11 kuya kumhla ziyi-13 kuMasingana wezi-2017 okwabe kuyingxenye yohlelo lokuqapha ukusebenza kwezikole ngezinsuku zokuqala oluqhutshwa nguhulumeni wesifundazwe minyaka yonke.

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukwazisa uhulumeni ngezidingo zezikole zendawo ukuze izikole zizosekwa ngokwanele futhi zelulekwe ngokufanele.

UMnu Pillay ubephelezelwa ithimba lezikhulu zoMnyango Wezemisebenzi YoMphakathi, iKomidi LeSiShayamthetho elibhekele eZemisebenzi Yomphakathi, uMasipala Wesifunda i- Harry Gwala kanye noMasipala Wendawo waseMzimkhulu.

UNgqongqoshe Ravi ubehlabeke umxhwele ngokusebenza kwezinye zezikole, ezithole imiphumela emihle. Phakathi kwalezi zikole eziphumelele ngamalengiso kukhona iMahlahla Secondary School ephumelele ngama-94, 7% ibe isuka kuma-39, 4% onyakeni owendulela lona.

Echaza ukuthokoza kwakhe kanye nesu elenze wahlabana ngale miphumela emihle kangaka, uMnu Sibusiso Shezi, onguthishanhloko ugcizelele ukuthi isikole sizibambe zaqina ngenxa yokuzinikela kothisha bakhe, ukwesekwa abakuthole esigungwini esilawula isikole kanjalo  nohulumeni wesifundazwe obulokhu ubeseka.


Esinye isikole esavakashelwa kwaba iTshaka Senior Primary esisendaweni yaseMachunwini, ebesibhekene nezinselelo, esingabala nje ukungabibikho kwezindlu zangasese, ukungabiywa ngendlela efanelekile kanye nokwentuleka kothisha.

Lesi sikole esinabafundi abaningi esiqala esigabeni R size sigcine esigabeni sesi-7 sinothisha abathathu kuphela. Izinga lokufunda kulesi sikole lilinganiselwa kusukela kuma- 31, 5% kuya kuma-41, 4%, lokho uNgqongqoshe akubona kuphansi kakhulu. “Yize le ndawo kungeyasemakhaya, kodwa lisekhona ithemba lokuba isikole singenza ngcono okungenani sifinyelele kuma- 60%” kugcizelela uMnu Pillay ngokukhulu ukukhathazeka. Esigabeni sokugcina sohlelo, ithimba lagoqa uhambo ngokuba livakashele Embuzweni Junior Secondary naKwaMvimbela High School. Nakuba zonke izikole zinezinselelo ezibhekene nazo, eziningi ziyaqhubeka zikhipha imiphumela emihle. Siyakuqonda futhi sikushayela ihlombe ukuthi ezinye zezikole zithola usizo olukhulu eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi ngokwemiklamo ebhekelela ukulungiswa nokuvuselelwa kwezikole ezikhahlanyezwe yisichotho, ukuhlinzekwa kwamathange amanzi abizwa ngojojo, ukupendwa kwamagumbi okufundela, ukulungiswa kogadasi, ukulungiswa kothango kanye nezinye izinsiza zengqalasizinda ezicelwa yilezo zikole.

Kungalezi zikhathi lapho wonke umuntu ezibonela ukuthi ukusebenzisana ngempumelelo kukahulumeni, abaphathi bezikole kanye nomphakathi yikho okusemqoka kulolu hlelo.

Lolu hlelo lucaba indlela yokuzinikela, ukuba sobala, ukuzibophezela nokuba nesibopho sokubika ohlangothini lukahulumeni kanjalo nasohlangothini labaphathi besikole, abazali kanye nabafundi, ngokufanayo. Uma uhulumeni ehlinzeka izinsiza eziseqophelweni isimo sempilo yabantu sibe sesiguquka.

UMnu Ravi kanye nethimba lakhe elisebenza umshawushile litshengise ugqozi nomdlandla ekuqinisekiseni ukuthi uhlelo lokusebenza ngempumelelo lwezikole luhlala lugxile ekuphokopheleni ukuhlinzeka abantu baKwaZulu-Natali ngezinsiza ezisezingeni elifanele, ikakhulukazi intsha.


NGISEBENZA NGOBUQOTHO
NOMA NGINGALUSIWE
SERVICE DELIVERY HOTLINE 0800 596 596
To be the centre of governance, providing leadership towards achieving KZN Vision 2035

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT
www.kznonline.gov.za